


UMBONO WASEPHATMOSE

 ... Njengoba uMfowethu Neville ubenza lezo zimemezelo, lokho uMfowethu Moore ayekhuluma ngakho ngelinye ilanga, ekhuluma ngoMoya weNkosi, wangena... ungena esakhiweni. Wathi, “Waba mkhulu kakhulu lapho ngaze ngacabanga ukuthi uHlwitho selufikile ngaze ngaqalaza, ngibone abanye behlezi lapha,” wathi, “qhabo, alukafiki namanje, ngoba uma—uma namanje beselapha khona-ke ngiyazi ukuthi ngiselapha.” Ngakho ngezinye izikhathi uMoya weNkosi uthola ukuba muhle kangako kithi.

² Siyajabula kakhulu ngokuba nabangane abaningi esibabona esakhiweni. Abaningi kakhulu ukuzama ukubalula. Ngisanda kuqaphela nje, ngingena emnyango, uMfowethu Carpenter, indoda eyashadisa umkami nami ndawonye. UMfowethu Carpenter, ubelokhu eyisibusiso esikhulu kithi lapha ebandleni, futhi ube yisibusiso kithi ngendlela yenkonzo, futhi ushumayela noma yikuphi, ikakhulu noma yikuphi. Futhi siyajabula ukuba naye ngaphakathi, o, abaningi kakhulu abanye.

³ Manje kukhona omunye umbuzo lapha enginikezwe wona izolo kusihlwa:

Mfowethu Branham, ngabe izintombi ezinhlanu eziyiziwula zikaMathewu 25 zabalwa njengensali yabeZizwe na? Nginyaqonda ukuthi izintombi ezinhlanu eziyiziwula zasindiswa kodwa zidingeka zidlule esikhathini esikhulu senhlupho. Ngabe lokhu kunjalo na? Uma kunjalo, siyoba yini isiphethelo sazo sokugcina na? Kungenzeka zibe yizimvu ezihlukaniswe ezimbuzini kuMathewu 25:33 no-34 na?

⁴ Kahle kakhulu kusiyazi wezenkolo kulokho mina... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... cabanga lokho nami, ukuthi bayinsali, intombi elele yinsali okwakhulunywa ngayo eSambulweni; yembewu yowesifazane egcina imiyalo kaNkulunkulu futhi enobufakazi bukaJesu Kristu. Owesifazane uzothatha i—isiqephu sempahla bese esibeka phansi; awu, manje, yilokho akusikela eyakhe... noma athatha khona iphethini yakhe futhi abeke noma kuphi lapho afisa khona, iyiphi indlela azosika kuyo lokho. Futhi-ke lokho akushiyile kubizwa ngensali, kepha ukhetha ukukusika endaweni ethile ngokucabanga kwakhe okukhululekile. Kepha okusele kubizwa ngensali.

⁵ Manje, uma uzoqaphela, kwakukhona izintombi ezinhlanu eziyiziwula nezintombi ezinhlanu ezihlakaniphile; zonke zaziyizintombi nto, zenziwe ngempahla yokwakha efanayo. Kepha, ngokukhetha, uNkulunkulu wakhetha uMlobokazi waKhe ngokukhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wafaka

amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe; ngaphambi kokuba izwe lize liqale, uNkulunkulu emqondweni waKhe, engongenasiphelo.

⁶ Futhi sisebenzisa igama ngesinye isikhathi, “ukumiselwa ngaphambili,” kepha ukulengiswa kwangempela kulonyaka webandla esiphila kuwo. Ngempela kwakuyinto enkulu eyasetshenziswa ezinsukwini zabafel’ukholo, ngoba ngempela bakukholwa. Kepha sekuqhelile kuKho manje, kuya emibonweni yezomthetho, imfundiso yezomthetho ebandleni eza. . . Okwakuyinto enhle, ngoba konke kwakho kwakuhambe kwaya kubuCalvini eNgilandi baze bangaba saba nayo ngisho izimvuselelo, noJohn Wesley uza eshumayela imfundiso yama-Arminian eyakulinganisa. UNkulunkulu uzohlala njalo ekulinganisa.

⁷ Ngakho-ke intombi eyisiwula yayiyileyo eyayingenamafutha ezibabini zazo, ukuthi ngikholwa ukuthi yaphonswa ngaphandle ebunyamani bangaphandle lapho ziyobe zikhala khona, zilila, nokugedla amazinyo. Futhi uma uzoqhathanisa lokho, noma imibhalo emincane ephansi ekhasini, kuzokugijimisa kubuyele emuva ngqo futhi ekuhlushweni okukhulu. Futhi ngicabanga ukuthi yizona ezisala ngemuva futhi zidlule ekuhlushweni okukhulu. Futhi isifundo impela lapho, ukube besinesikhathi sokungena kukho. Uma nina. . .

⁸ Manje, khumbulani, ngishilo ekuqaleni, lapho ngenkathi nizwa amateyipu, “Lezi zinto zingendlela nje engizikholwa ukuthi ziqinisile.” Niyabo? Manje, uma zinephutha, angangazi ukuthi zinjalo. Mina. . . Futhi ngingasho kuphela engikukholwayo. Futhi angiqondile ukulimaza imizwa yanoma ngubani. Simele nje sizibeke eceleni lapho singena, bese-ke sithatha into eshiwo, futhi siyihlole, futhi sibone ukuthi yimiBhalo ngempela noma qhabo. Leyo yindlela engcono kunazo zonke yokukwenza. Bese-ke. . . Ngoba osukwini olufana nesiphila kulo manje, esizweni lapho sekukhothozwe khona kwaphindwaphindwa ngazo zonke izinhlobo zazo zonke izinto, awu, kunzima ukuthola abantu ukuba bakubambe ngqi ngempela nje, njengoba kunjalo esizindeni sezintombi. Uyabatshela, bayakukholwa, yileyo ndlela okuqhubeka ngayo.

⁹ Kodwa, manje, omunye uyofika nalomqondo, futhi omunye uzofika nalomqondo, futhi sinamahlelo amabandla angaba amakhulu ayisishiyagalolunye nento ehlukene, futhi ngalinye liphambene (ukufundisa kwakhe) kwelinye; futhi kufanele kube nomuntu othize onephutha, nomunye oqinisile. Ngakho manje ubufakazi kuphela bakho ngukuthi, ngukukubuyisela eBhayibhelini; niyabo, makube iBhayibheli. Manje, kaningi, abantu babeka ukuhumusha kwabo uqobo. Kepha sizama ngakho konke okusemandleni ethu, hhayi ukubeka noma yikuphi ukuhumusha komuntu kukho. Lifunde nje njengoba Linjalo, bese uthi, “Yileyo ndlela eLingayo.”

¹⁰ Bese kuthi-ke bengihlala ngiqaphela, uma uzothatha nje lokho Akushilo, kuzokwenza konke kuhlangane okwesisila sejuba ncamashi nje emBhalweni. Cishe impela kufane nokuhlanganisa umdlalo oyindidane wokubuyisela endaweni yazo zonke izicucu zamapulange ezisahwe ngokugwewesa, ufanele ubheke iphethini ngaphambi kokuthi uhlanganise iphazili kahle. Uma ungakwenzi, ngangihlale ngithi, “Ubuyoba ne... Enkundleni yakho, uyoba nenkomo icosha utshani esicongweni sesihlahla.” Ngakho-ke ku—kwakungeke nje kubukeke kahle.

¹¹ Futhi uma nje sivumela uMoya oNgcwele... Ngubani owaloba iBhayibheli na? UMoya oNgcwele wahambahamba emadodeni ase eloba iBhayibheli. Khona-ke ngaphandle kukaMoya oNgcwele, kungenandaba ukuthi ufunde kahle kanjani, awusoze waLiqonda. Ngoba ngisho noJesu wabonga uNkulunkulu ukuthi WayeKufihlile emehlweni abahlakaniphileyo nabaqondayo, futhi uyoKwembulela izingane zona eziyofunda. Futhi bonke ababafundi babengaphezulu noma bengakwazi ukufunda nokubhala ngaphansi futhi bengabantu abangafundile ngaphandle koyedwa, futhi lowo kwakunguPawulu. Futhi uPawulu wathi wayefanele akhohlwe konke ake akwazi ukuze athole uKristu. Ngakho-ke watshela ibandla laseKorinte, a “kazanga ngokuhlakanipha kwabantu nenkulumo enkulu,” ngoba ngaleso sikhathi ukholo lwabo—lwabo lwaluyoba sekuhlakanipheni kwabantu, kodwa weza kubo emandleni nasekubonakalisweni kukaMoya oNgcwele, ukuthi ukukholwa kwabo kuyophumula phezu kwemisebenzi kaMoya oNgcwele ngokweZwi likaNkulunkulu. Futhi yilapho esizama ukulenga khona eduze kakhulu, khona manje, ngoba ngaphambi kokuba kuphele iviki, noma isikhathi iviki seliphelile, uzokubona, yilokho impela obekuyikho, lowomucu omncane wehla udlula onyakeni sonke lesi sikhathi.

¹² Ngiyabonga ngokungibekela ibhodi phezulu ngaphezudlwana. Lokho kubukeka kangcono.

¹³ Manje, o, thina... Ngifisa sengathi ngabe besinakho bonke ubusika nje, ukuze nje sithathe iNcwadi egcwele yeSambulo bese sidlula nje kuYo. Yizifundiso ezinhle impela phakathi lapho. Futhi ngiyakhumbula, ngicabanga ukuthi sekuyiminyaka engamashumi amabili edlule noma engamashumi amabili nanhlanu, lapho ibandla laliselisha, saqala eyodwa... ngasekuqaleni kwekwindla eyodwa, futhi kwaku le cishe kwikwindla elandelayo, sidlula eNcwadini yeSambulo.

¹⁴ Manje, ngiyakhumbula ngithatha iNcwadi kaJobe. O, Mfowethu Wright! Ngahlala kuyo isikhathi eside kakhulu kwaze kwathi ekugcineni owesifazane wabhala futhi wangibuza, wathi, “Mfowethu Branham, awusoze ususe uJobe kuleyo ndunduma yomlotha na?” Awu, ngangizama ukwenza iphuzu,

ngoba khona lapho yilapho yonke into ivaleleke khona, kuleyo ndawo; phezulu endawaneni kuye lapho kulapho uMoya weNkosi wafika kuye, khona-ke lapho umbani uqala ukubanika nomdumo uduma, uMoya uza phezu komprofethi futhi wabona ukufika kweNkosi. Futhi ngangifuna ukushayela ngise lokho ekhaya, yingaleso sizathu ngambamba phezu kwendunduma yomlotha isikhathi eside, ukuze—ukuze sikwazi ukuveza iphuzu. Futhi ngiyazi ukuthi kungahle kukhathazane kancane, abanye. Ngiba nokwethuka, nami, uma ngizwa umuntu othize edlala ngento ethize, kubukeka sengathi wayeyoqhubekela phambili futhi akushaye. Kodwa mhlawumbe uNkulunkulu uhola lowo muntu ngenhloso ngalokho.

¹⁵ Manje sibuyela kule nsali, ngaphambi kokuba sishiye umbuzo. Ngiyethemba ngiyakucacisa. Lokhu...Ngikholwa ngokweqiniso ukuthi insali ikhethwe uNkulunkulu. Ngi—ngiyakukholwa, ukuthi uNkulunkulu wakhetha insali ngaphambi kokusekelwa kwezwe; futhi unayo “ngokwazi kwangaphambili” kwaKhe. Hhayi igama...Manje bhekisisani ukumisela *ngaphambili*, niyabo, ngoba yigama elincane elinokuncishana phakathi kwabantu. Niyabo? Kepha uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, emqondweni waKhe ongenasiphelo, wakhetha iBandla, wakhetha uJesu, wakhetha iBandla, futhi wayengabikezela ekuqaleni ukuthi kwakuyoba yini ekugcineni. Yena...Uma Engongenasiphelo, akukho lutho Ayengalwazi. Yena wayazi onke amazeze ayeyoke abe semhlabeni, nokuthi ayeyowacwayisiza kaningi kangakanani amahlo alo. Manje, lokho nje ukuthi kanjani... nokuthi liyokwenza amafutha amangaki, nokuthi ayokwenza amangakanani ndawonye. Lokho akunasiphelo, kungukungabi nasiphelo; wena—wena...ayikho nje indlela yokuLichaza. Futhi uNkulunkulu, yilokho Ayikho, uNkulunkulu ongenasiphelo.

¹⁶ Ngakho-ke, uma uqaphela, iBhayibheli lasho ukuthi ngezinsuku zokugcina ukuthi umphikukristu owayezofika emhlabeni...

¹⁷ Manje lalelisani! Yilelophutha kuphela...Ngiqagele angathola izigidi kwawami. Kepha kuMfowethu Billy Graham othandekayo, ngolunye usuku, leyo ntshumayelo edumileyo ayishumayela ngeSonto eledlule, futhi impela ngacabanga ukuthi kwakuwumyalezo ofike ngesikhathi. Futhi...kodwa washo ukuthi “uSathane ukhohlisa ngisho nabaKhethiweyo.”

¹⁸ Qhabo, iBhayibheli lathi, “Uyokhohlisa Abakhethiweyo *uma* kwakungenzeka.” Kepha akunakwenzeka, ngoba uNkulunkulu wabakhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyabo? IWundlu...uJesu Kristu wayeyiWundlu elihlatshiweyo selokhu kwasekelwa izwe. Lapho uNkulunkulu efaka ngisho nasemqondweni waKhe, lapho Ekhuluma leloZwi,

Alisoze laguquka, Alisoze lashintsha. Niyabo, ngoba U—U—Ungongenasiphelo, futhi amaZwi aKhe ayofezeka.

¹⁹ Cabangani nje, wona kanye...umhlaba esihleli kuwo kulobubusuku uyiZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe. Izwe ladatshulwa ndawonye ngezinto ezingabonakali ngisho. Wavele nje wathi, “Makube khona,” futhi kwaba njalo. Kulula kangakanani kulowo Nkulunkulu ukuba aphulukise umzimba ogulayo khona-ke, uma Engakha indalo ngokuyikhuluma nje. Niyabo, iZwi laKhe. Ukube kuphela besingathola kuphela ukukholwa ukubona ukuthi iZwi laKhe liyini! Siboshelwe kakhulu emhlabeni futhi siyimbumba kakhulu engqondweni yethu ukuthi thina...O, angazi. Sibe noku-indocumantation okuningi kakhulu, umjovo kulokhu, umjovo kulokho, futhi—futhi kusifikise nje endaweni lapho esonteke wonke. Kepha uma ungake ushukumise yonke into iqaqeka, ubuye ekwazini ukuthi UnguNkulunkulu, futhi amaZwi aKhe angeke ehluleka kunokuba Engahluleka. Futhi uma leloZwi lehluleka, khona-ke uNkulunkulu uyehluleka; futhi uma uNkulunkulu ehluleka lapho...Akasiye uNkulunkulu. Niyabo? Ngakho...Futhi khumbulani, Akakwazi ukusho into eyodwa *lapha* nokunye okuthize ngalapha; Uzofanele ahlale nesinqumo saKhe sasekuqaleni ukuze abe uNkulunkulu. Ngakho-ke, nje si ha-...

²⁰ Futhi usicele into eyodwa kuphela, ukukholwa ukuthi lokho Athe kuliQiniso, futhi Uzokufezekisa. O, kuhle kanjani pho! Ubulindele into ezenzakalelayo ukuba yenzeke; ngezinye izikhathi kuthatha nje ukholo oluncanyana. Ngeke kwenze isimangaliso, kodwa uma ubambelela kukho, kuzokukhipha; vele uhlale nakho nje. Njengoba Asho, “Inzalo yesinaphi, encane kunazo zonke phakathi kwazo zonke izimbewu.” Kodwa senake naqaphela, isinaphi ngeke yaxubana nalutho. Awukwazi uxubanisa isinaphi nanoma yini, ngeke yaxubana. Futhi uma unokukholwa, okuncane nje kokukholwa okungeke kwaxubana nayinoma yikuphi ukungakhohwa noma yibuphi ukusonta noma izimfundisoze, hlala nje ngqo noNkulunkulu, hlale nalo nje, Lizokuletha ngqo udlule enkungwini, likukhiphele ngaphandle. Ya! Hlala nje nalokho kukholwa.

²¹ Manje, ukuqala, lapho uNkulunkulu...IBhayibheli lathi, eSambulweni, ukuthi “Umphekukristu, ngezinsuku zokugcina...” Manje bhekali lamabandla onke ehlangana ndawonye. “Umphekukristu, ezinsukwini zokugcina, uyodukisa wonke owayesemhlabeni amagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu kusukela ekusekelweni kwezwe.” Lafakwa nini igama lakho eNcwadini yokuPhila na? Ngaphambi kokuba size sibe nezwe, wakhethwa ukwamukela uMoya oNgcwele kulonyaka.

²² Ngijoyinane no-Eddie Perronet:

Ngibophelele okwehange umphefumulo wami
 endaweni yokuphumula,
 Ukuba ngingabe ngisantweza ezilwandle
 ezingabazekayo ezidlangayo;
 Isivunguvungu singakhukhula ukudlanga,
 ukujula okunesivunguvungu,
 Kepha kuJesu siphephile njalonzalo.

²³ Akukho okungesahlukanisa (uNkulunkulu angeke... akabuyeli eZwini laKhe. Futhi uma Engongenasiphelo, futhi ukunikeza uMoya oNgcwele *lapha*, azi ukuthi Yena uzolahlekela nguwe phansi *lapha*, hlobo luni lwebhizinisi Aluqhubayo na?), uma ngakhohliswanga ekuziboneleni kwakho, uma unoMoya oNgcwele. Kepha bhekisisa okwashiwo yiBhayibheli, kwabase-Efesu 4:30, “Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngawo kuze kube...” Imvuselelo elandelayo na? Ngabe lokho kuzwakala kulungile na? “Ubekwa uphawu kuze kube usuku lokuhlangwa kwakho!” Kuze kube nini na? Kuze kube ukuhlangwa kwakho.

²⁴ Uthatha inqola kaloliwe, uyilayisha emzileni, futhi uma isilayishwe ngokuphelele... Manje, abakwazi ukuvala leyo moto okwamanje, umhloli umele eze. Futhi uyahlola, futhi abone uma kukhona okungaboshiwe okuzonyakaza. Ibhokisi lingahle... Inqola kaloliwe kungenzeka ilayishwe ngokugcwele, kepha uma inezindawo ezingaboshiwe kuyo, ufanele uphinde uyipakishe. Futhi yileyo indaba, iningi lethu aliwutholi uMoya oNgcwele; lapho umhloli efika, Uthola izindawo eziningi ezingaboshiwe, niyabo, ngakho-ke Akanakuyibeka uphawu okwamanje.

²⁵ Usiyazi omkhulu wezenkolo wafika kimi ngolunye usuku, noma hhayi ngolunye usuku, sekube yiminyaka emithathu noma emine edlule, futhi wathi, “Ngifuna ukukubuzisa okuthile.” Wathi, “U-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye kwaba ngukulunga.”

Ngathi, “Yiqiniso lelo, kunjalo.”

Wathi, “Yini enye umuntu angayenza ngaphandle kokukholwa na?”

Ngathi, “Yilokho kuphela abengakwenza.”

²⁶ Wathi, “Khona-ke uyaphi nalezi zinto zikaMoya oNgcwele ngaphandle kwalokho na?” Manje, niyazi ukuthi wayengumBaptisti. Futhi wathi-wathi, “Uyaphi naloMoya oNgcwele na?” Wathi, “Uma umuntu ekholwa! Umzuzu okholwa ngawo, usuwemkelile uMoya oNgcwele.”

Ngathi, “Qhabo, qhabo. Manje, wena-wena wenza ukuphikisana emiBhalweni, imiBhalo ayiziphikisi Yona. Uyabo? UPawulu wababuzisa, ‘Niwamukelile yini uMoya oNgcwele *selokhu* nakholwa na?’”

Futhi wathi, “Awu...”

²⁷ Ngathi, “Kuliqiniso ukuthi u-Abrahama uyise wokukholwa wanikeza . . . wayenesithembiso sikaNkulunkulu futhi wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga, kepha Wamnika uphawu lokusoka njengophawu lokuthi Wayemukele ukukholwa kwakhe.”

²⁸ Manje, uma Yena engakaze akubeke uphawu ngoMoya oNgcwele namanje, Akakaze amukele ukukholwa kwakho kuYe namanje, unezinye izindawo ezingaboshiwe. Uyabo? Ungahle ukholwe, ya, kepha kunezindawo eziningi ezingaboshiwe. Kodwa uma uthola zonke izindawo ezingaboshiwe zipakishwe kahle, khona-ke Ukubeke uphawu ngoMoya oNgcwele kuye kube usuku lokuhlangwa kwakho. Lokho yisiqinisekiso sikaNkulunkulu sokuthi Wemukele ukukholwa okuvumile kuYe.

²⁹ U-Abrahama wavuma ukukholwa, futhi uNkulunkulu wathi, “Ngizokunikeza isibonakaliso manje ukuthi wena . . . ukuthi Ngikwamukele.” Futhi Umnika isibonakaliso sokusoka.

³⁰ Manje, uma wamukela uKristu njengoMsindisi oqondene nawe futhi ukholwe kuYe bese uMcela ukuthi ahlanze impilo yakho, bese kuthi-ke lapho Ebuya noMoya oNgcwele futhi ukunikeza isibonakaliso sikaMoya oNgcwele, khona-ke ubekwa uphawu kuze kube ukuhlangwa kwakho.

³¹ Lena lapha inqola kaloliwe, uma ingaboshiwe . . . Emva kokuba konke sekupakishwe ndawonye futhi bavale lowo mnyango futhi babeke uphawu kuyo, futhi i—ibekwe uphawu kuze kube sesiphethweni sayo, izinkampani zakwaloliwe ziyokufaka etilongweni lokuhlunyeleliswa izimilo impilo yakho yonke uma uphula lolo phawu. Zingeke zephulwa. Zibekwe uphawu kuya esiphethweni zaso; akusikho okwawo wonke umuntu emzileni ongayidonsa ayivule futhi abuke kuyo, futhi ayihlole futhi ayibhekisise, bese edonsa akhiphe izinto ezimbalwa, afake ezinye izinto futhi. Qhabo, qhabo!

³² *Leli* bandla liyothi, awu, leyo mfundisoze, “*Lokhu* akulungile, *lokho* akulungile.” Lapho uNkulunkulu ekunika uMoya oNgcwele, sekuzaluliwe! Uyazi lapho umi khona, uyazi ukuthi kwenzekeni, futhi ubekwe uphawu yonke indlela kuze kube usuku lokuhlangwa kwakho, isiphethelo sakhlo salolu hambo lwasemhlabeni. O, he! Lokho bekufanele kwenze noma ngubani abe nokukholwa nje futhi akholwe uNkulunkulu, phakama nje emandleni kuMoya oNgcwele.

³³ Manje, lezi zintombi ezingawutholanga uMoya oNgcwele, (Niyakhumbula?) into kuphela ezashoda ngayo kwakungamafutha ezibanini zazo. Ngabe kunjalo na? IBhayibheli lathi *amafutha* afanekisa u “Moya oNgcwele,” yingaleso sizathu sigcoba abagulayo ngamafutha, nokunye nokunye, ngoba umfanekiso kaMoya oNgcwele. Manje, bese kuthi-ke uma—uma uMoya oNgcwele engafikanga phezu

kwabo, ababanga naWo. Futhi-ke lapho Efika, bathi. . . Manje, ezintombini ezazinamafutha, zathi. . .

34 Niyabo, babesemuva onyakeni webandla; kwakunabanye babo phakathi lapho ababengabantu abalungile kodwa babengekho ekuKhanyeni kwenkanyezi, engikushoyo, nentambo yesibani icwiliswe emafutheni. Niyabo, futhi yayiphumile. Yayiphumele ngaphandle, babezehlukanisile bona uqobo. UPawulu wathi, osukwini lwakhe, “Bazehlukanisa bona kithi, kubonakala sengathi abanakho ukukholwa.” Niyabo, basuka kubo, “Baphuma kithi ngoba babengesibo abakithi.” Manje, kwaqala emuva ekuqaleni kwalowonyaka wase-Efesu futhi kuza kuqhubeka kwehla kungena kulonyaka namhlanje. Into efanayo, yonke yaleyo minyaka, okwenzekile kubo kweqa kwangena kuleminyaka ezansi lapha. Sizongena kulokho ngokujulile esikhashaneni esincane.

35 Manje, qaphelani ukuthi le ntombi, nokho, yahamba yangena lapho kwakukhona ukukhala, ukulila, nokugedla amazinyo.

36 Ake ngisho lokhu, mngane wami oyigugu onothando; ngoba imvamisa ebandleni lapha, uma ngiza lapha, ngiza lapha nje futhi ngibe nenkonzo yokuphulukiswa futhi ngikhulekele abagulayo, nangaphandle ngaphesheya kwezwe ndawo ndawo. Kepha lesi yisikhathi, benginitshela isikhathi eside, faka unembeza wakho ephaketheni lakho. Manje sifuna—sifuna ukuza futhi sibe gotho neqiniso omunye komunye, ngoba sisosukwini lokugcina. Ya!

37 Manje, yilapho nina maNazarene ayigugu nePilgrim Holiness ngaphansi kokungcweliswa enehluleka khona. Niyabo? Manje, benazi ukuthi uJuda Iskariyotho waphila ngqo kuleyondawo efanayo na? UJuda wakholwa yiNkosi uJesu njengoMsindisi, waMemukela njengoMsindisi. Futhi wangcweliswa. Wangcweliswa, kuJohane 17:17, ngenkathi uJesu ethi, “Baba, bangcwelise ngeQiniso, iZwi laKho liyiQiniso.” Futhi WayeyiZwi. Kulungile!

38 KuMathewu 10, banikezwa amandla okuphulukisa abagulayo, bavuse abafuleyo, bakhipe odeveli. Futhi baphuma bangena kuzo zonke izingxenyane ze—zezwe futhi bekhapha odeveli, babuya bethokoza futhi bememeza futhi bedumisa uNkulunkulu. Futhi uJesu wabatshela, “Ningathokozi ngoba odeveli benithobela, kepha thokozani ngoba amagama enu aseNcwadini yokuPhila.” Ngabe kunjalo na? Futhi uJuda wayenabo, uJuda wayenabo, kodwa lokho kwakungunyaka nezinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba uJesu aze abethelwe.

39 Manje khona-ke lapho sekuza ePentekoste, ukuba uJuda emukele uMoya oNgcwele nokunye nokunye, waveza ubunjalo bakhe. Wa—waphika uJesu, futhi waba yimbuka kuYe. Futhi

yilokho ncamashi nje lapho lowomoya uza khona; phezulu ngqo kuLuther, uWesley, wenyusela lelo bandla ekungcwelisweni ngempilo yentombi (abamsulwa, abahlanzekile, abangwele, abahle, abantu abakahle kunabo bonke owake wahlangana nabo), kepha uma sekuza e...lapho beyokhuluma ngezilimi futhi bemukela uMoya oNgcwele, iNazarene, iPilgrim Holiness, iFree Methodisti, khona-ke bathi, “Lowo ngudeveli.” Futhi-ke khona lapho yilapho uthuka khona uMoya oNgcwele futhi uzivalela ngaphandle ingunaphakade; “Ngokuba yilowo nalowo okhuluma izwi elimelene neNdodana yomuntu uyakuthethelelwa, kepha okhuluma ngokumelene noMoya oNgcwele akasoze athethelelwe.”

⁴⁰ Khumbula, bonke abafundi bakhuluma ngezilimi. UJesu Kristu wafa esiphambanweni, ekhuluma ngezilimi. E-hhe. Ngakho-ke uma ungakwazi ukubhekana nabo lapha, ube nobungane nabo lapha, kuthiwani ngalapho na? Kubo... Uma laba bengodeveli, nalabo babeyibo. Ngakho niyabona lapho lapho kwaveza khona ubunjalo bakhe na? Nakho kufika leyo ntombi, ihlanzekile njengazo zonke, impilo emsulwa. Ngizothatha iNazarene eyimfashini endala, amabandla ePilgrim Holiness, abakholelwa ngempela ekungcwelisweni, awunakubeka umunwe ezimpilweni zabo; bahlanzeke ngakho konke. Kuyinto enhle ukuthi sonke besingaphila kunjalo. Kunjalo, ufanele.

⁴¹ Manje, siyazi ukuthi sinokuningi ngale kumaPentecostal njengabalingisi. Lelo yiqiniso. Kepha inqobo nje uma ubona idola mbumbulu, uyazi ukuthi lenziwa kwelilungileyo, elangempela. Kunjalo. Futhi kuno—kunoMoya oNgcwele wangempela. Owangempela okhuluma ngezilimi futhi ukhombisa izibonakaliso nezimangaliso, futhi bekulokhu kukhona kusukela ePhentekoste kwehle. Ngakho-ke sifanele sibe nabalingisi. Sifanele sibe nowesifazane omubi ongalungile, ukwenza owesifazane wangempela akhanye. Sifanele sibe nesikhathi sasebusuku, ubumnyama obumnyama, ukukhombisa ukukhanya kwelanga ukuthi kuyakhazimula. Kunjalo. Futhi ufanele ugule, ukuthokozela impilo enhle. Futhi kungumthetho wesizathu esimelayo nesiphikisayo; futhi ku—futhi bekulokhu kunjalo, futhi kuzohlala kunjalo, inqobo nje uma isikhathi sisekhona.

Manje, ngakho-ke, yilapho ibandla elizikhuphulele khona.

⁴² Manje, akazange yini uJesu athi “Ngosuku lokugcina,” kuMathewu 24, “ukuthi imimoya emibili iyofana kakhulu ize ikhohlise nabaKhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka”? E-hhe. Kepha lowo owakhethwa kusukela ekusekelweni kwezwe unokuPhila okuPhakade. UkuPhila okuPhakade, ungeke ukuLahle. KuPhakade njengoba uNkulunkulu enjalo, awusenakufa njengoba uNkulunkulu engafa. Kunjalo. Ngoba uyingxenyane kaNkulunkulu, uyindodana nendodakazi

kaNkulunkulu, impilo yakho isiguquliwe futhi uyingxenye kaNkulunkulu, unokuPhila okuPhakade. O, ngiyaMthanda. Animthandi na?

⁴³ Manje, omunye unginike inothi lapha, umbuzo omncane nje. Ngeke sithathe isikhathi esiningi kakhulu manje ukuze siwuphendule. Futhi khumbulani, isikhathi ngasinye lapho ubeka umbuzo omncane phezulu, ngizozama konke okusemandleni ami ukufinyelela kuwo uma ngingakwazi. Kodwa lo bekungumbuzo obalulekile:

Omunye ubefuna ukwazi uma kwakungalungile ukuba abesifazane bafakaze, noma bacule, noma banikeze imiyalezo ngolimi, bahumushe imiyalezo, noma isiprofetho, ebandleni.

⁴⁴ Qhabo, akusikho ukuthi akulungile, ku...inqobo nje uma kuza endaweni ngenqubo. Uyabo? Ibandla lisenqubweni, futhi kuphela uma...Eyangempela, indlela yeqiniso ukukwenza kulabo okhuluma ngezilimi nezinto, imiyalezo yabo inikezwa ngaphambi komlayezo kusukela epulpiti, ungalokothi phakathi ngaleso sikhathi; ngoba uMoya oNgcwele uhamba nje kusukela endaweni eyodwa ngasikhathi, njengoba uPawulu akhuluma ngakho lapho. Kodwa abesifazane baphiwe isiprofetho, futhi baphiwe izilimi nokuhumusha, nakho konke ngaphandle kokuba ngabashumayeli. Abamele babe ngabashumayeli. Banqatshelwe ukushumayela emabandleni, kunjalo, thatha indawo, noma ube ngumfundisi noma yini ebandleni. Kepha mayelana neziphos, owesifazane unazo zonke lezo, engaba nesisodwa noma noma yisiphi zalezo ziphiwo eziyisishiyagalolunye zokomoya ngokwabaseKorinte bokuQala 12, futhi akubophezelekile ukuthi umyalezo wakhe awufanele uphume endaweni yawo. Uyabo, umyalezo ngamunye ulinda isikhathi sawo.

⁴⁵ Uma kuba khona okhuluma ngezilimi, kungabikho ohumushayo, makathule kuze kube khona ohumushayo. Uyabo? Futhi le milayezo inikezwa ngokuvamisile ngaphambi nje komhlango. Bese kuthi-ke umprofethi...noma umshumayeli, ongumprofethi weTestamente eLisha, umshumayeli, lapho eza ngaphambili, uNkulunkulu uqala ukunyakaza ngaye, uyabo. Lapho-ke eseqedile, khona-ke imilayezo iyaqala, omunye; khona-ke, ngaphambili nje. Kuhlale kusenqubweni, njalo. Kodwa owesifazane unelungelo.

⁴⁶ Okulandelayo, ngingathanda nje, ukuthatha isikhathi esincane ekuphenduleni lo, Ngizofunda lesi sihloko:

UKUKHOLWA OKUTHATHU OKUHUNYUSHIWE
 KWEBHAYIBHELI ELILODWA KUYAQALA.
 EWashington, Okthoba 15. Izifundiswa zeKatolika,
 iProtestani kanye neJuda zisebenza njengeqembu seziqale
 ukuhumusha ngokuhlanganyela okusha kwemiBhalo

okungenzeka ifakazise ukuba uhlu lweBhayibheli olulindwe isikhathi eside.

⁴⁷ Ezinye izinto phakathi lapha ngingathanda ukufunda kancanyana ngaphambi kokuba ngenze isimemezelo sakho. Ngamanye amazwi, ubona khona impela esikhuluma ngakho, khona impela nje lokho okushiwo umBhalo okuzokwenzeka kulezi zinsuku, ukuthi lezi zinto zizohlangana ndawonye futhi zibumbe isithombe sesilo. Ncamashi. Bakuzamile, futhi besebenza kukho, futhi manje sebenethuba elingcono kunawo onke abake bababalo lokukwethula, ngoba nje kusezandleni zabo ngqo. Futhi yilesi kanye isizathu ukuthi ngiletha lemiyalezo yesiprofetho, ngoba ngicabanga ukuthi yisikhathi esifanele.

⁴⁸ Futhi uma kukhona noma ubani ongabuya ubusuku ngabunye, sizozama ukuqala kuse-eli futhi siphume kuse-eli. Futhi uma ngingayiqedi indaba, khona-ke ngizobe sengimemezela ukusa okulandelayo. Uma singaqedi ekuhlelweni kwe 19, ivesi 9 kuya kwele 20 kulobubusuku, sizokuqala ekuseni ngehora leshumi nqo. Sizonazisa ekuvalweni kwenkonzo, indlela esiqhubeka ngayo.

⁴⁹ Bese kuthi-ke kusasa ebusuku ebandleni lase-Efesu, siqala, sigijima sidlula ubusuku obuyisikhombisa: e-Efesu, uNyaka weBandla lase-Efesu; neSmirna; nePergamu; neThiyathira; neSardesi; neFiladelfiya; neLawodikeya, ngeSonto elizayo.

⁵⁰ Futhi ngazi lamagugu amahle kakhulu abekwe phansi emgwaqeni, kunzima kakhulu ukususa izandla zami kuwo kuze kube yisikhathi. Ukuwabona nje phansi lapho, futhi ngizwa uMoya wondla phakathi kwabantu, kungenza nje ngifune ukugxuma ngingene ngokushesha ngempela futhi—futhi ngisho okuthile ngayo; kodwa nje ngifanele ngizibambe futhi ngiwabeke onyakeni wawo futhi ngesikhathi sawo. Ngakho uma ugeja ukuza ebusuku, qiniseka ukuthi uthola iteyipu noma ngandlela-thize ukuthi ungakwazi ukuKubamba, ngoba ngikufuna kuye ezindaweni zonke. Futhi ngikwenzile lokhu ngoba ngizizwela ngiholwa nguMoya oNgcwele ukwenza kanjalo; yilesi sizathu kuphela esingena ngikwenze. Futhi mina, uma ngingacabanganga ukuthi kuyosiza ibandla . . . Futhi kulolu suku, khumbulani, ihora lizofika kungekudala lapho singeke sikwazi ukuba nalemihlango, futhi ufanele ukwenze manje ngenkathi sisenesikhathi sokukwenza. Niyabo, asazi ukuthi sikhathi sini abazokumisa ngaso lokhu, manje.

⁵¹ Futhi ngakho-ke kuzoba nobumbano phakathi kwamabandla futhi ayozihlanganisa ndawonye, abumbe inhloko yomfelandawonye wamabandla, okungukuthi usuvele unesakhiwo esikhulu se-U.N. inhlangano yezizwe futhi lonke ihlelo likuyo. Futhi uzofanele ube phakathi kokuthi uba ngomunye walawo mahlelo noma uxoshwe. Futhi yilesi

sikhathi lapho esifanele sikhombise khona ubunjalo bethu futhi siqiniseke ukuthi siyazi, hhayi ukuqagela, kodwa sazi u-ISHO KANJE INKOSI lapho umi khona. IBandla elincane belihlala njalo liyingcosana ngesibalo, yiqembu elincanyanyana eli... intambo encane, njenge—intambo ebomvu esula eBhayibhelini lonke, kodwa yiBandla njalo. Futhi sifuna ukukukhumbula.

⁵² Manje ukuphawula nje okuncane ngaphambi kokuba siphinde sifunde. Kulokhukusa sithathe uBuNkulunkulu obuPhakeme beSambulo sikaJesu Kristu, uNkulunkulu Amembule kithi kulokhu ukusa njengoBuNkulunkulu obuPhakeme: oMkhulu uNGINGUYE (hhayi ukuthi *Nganginguye* noma *ngiyoba nguye*), NGINGUYE, njalo. Futhi siyaqaphela kulesisahluko 1 seSambulo, seSambulo... Siyini isambulo sakho na? UJesu Kristu. Yini into yokuqala AZembula eyiyo lapha na? UNkulunkulu waseZulwini. Hhayi unkulunkulu omthathu emunye, kodwa uNkulunkulu oyedwa. UNkulunkulu oyedwa, futhi UZembula ngaleyondlela ekuqaleni kweSambulo. Futhi ukhuluma ngakho amahlandla amane esahlukweni 1 ukuze kungabikho phutha. Into yokuqala okufanele uyazi, ukuthi: Akasiyena umprofethi, akasiye u—unkulunkulu omncane, Akasiye unkulunkulu wesibili, UnguNkulunkulu! UnguNkulunkulu. Futhi ngakho-ke iSambulo saphuma, futhi sisaqhubeka naSo kulobubusuku kuqhubeka kwehle njengoba sithola ekubeni ngabantu kwaKhe okukasikhombisa kokuba ngumuntu kobuYena.

⁵³ Futhi, o, kwangathi uNkulunkulu angasisiza sisafundisa lamaZwi. Ngi—ngi—ngikutadishile njengokucela ephuzwini langokomlando, kodwa lindani ngize ngingene epulpiti lapha okokuphefumulelwa. Ngoba ngizizwela ukuthi sihlezi ndawonye ezindaweni zasezulwini kuKristu Jesu, nokuthi uMoya wakho, ingxenye yakho, inkotha yoMlilo (uMoya oNgcwele) ophezu kwaKho uza komunye, futhi omunye komunye, Uthungela ngomlilo uMzimba kaNkulunkulu omkhulu futhi Uwokhela ngomlilo, futhi zilapho izambulo...

⁵⁴ Manje, into esikhuluma ngayo, lombuzo wabuzwa mina, “Bafanele yini abesifazane... nokunye nokunye na?” Yilokho impela okwaqala ibandla enxushunxushwini yalo ekuqaleni, babethathe sonke isizotha ezethamelini futhi basibeka epulpiti. Kepha uNkulunkulu unguNkulunkulu wezethameli. Usebenza kuso sonke isidalwa esingumuntu, Uphila kuyo yonke inhlizyo Angangena kuyo. Uthola labo bantu abanesiphiwo futhi asebenze ngabo. Manje, uma udeveli engakwazi ukubabamba entweni eyodwa, khona-ke uyeza futhi enze imbumba enkulu yalutho futhi uxosha abantu. Njengoba uPawulu asho, “Lapho nibuthana, uma nonke nikhuluma ngezilimi, futhi ongafundile angene, ngeke yini athi, ‘Niyahlanya! Ubuwula!’? Omunye ekhuluma ngezilimi, futhi *lona* futhi *lona* ephumile enqubweni, nakho konke, lokho ngeke kwasebenza. Kodwa,”

wathi, “khona-ke uma omunye eprofetha futhi embula imfihlo yenhliziyi, bayothi, ‘Ngempela uNkulunkulu unani.’” Kodwa uma omunye ekhuluma ngezilimi ngesambulo anikeze incazo yakho, okuthile okwakha ibandla, khona-ke ibandla lonke liyakhiwa ngakho. Into ethize ezokhuluma futhi uNkulunkulu ekhuluma ngezilwimi esingazi lutho ngazo futhi uzosinikeza omunye futhi asihumushe ngomunye, futhi asho into ethize eyenzeka ncamashi nje ngendlela okushiwo ngayo, khona-ke ninoMoya weNkosi phakathi kwenu. Futhi, o, masilwele lokho, bangane; ake—ake sigcine lowo mlilo uvutha.

⁵⁵ Manje, ngaphambi nje kokuba sivule i. . . loluhlu olukhulu lomBhalo, ngiyamangala uma kungaba kukhulu kakhulu uma nje singama futhi sishintshe ukuma kwethu imizuzu embalwa sisakhuleka.

⁵⁶ UNkulunkulu uMninimandla onke owabuyisela iNkosi uJesu kwabafileyo futhi uMethule kithi (emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye) njengoNkulunkulu waseZulwini ongenakuhluleka, sibonga Wena ngalokhu nangoBukhona baKhe bukanye nathi usuku nosuku ekuhambeni kwethu kwansuku zonke. Futhi sijabule kakhulu ukwazi ukuthi kulelihora lokudideka lapho izwe lingazi ukuthi lenzeni, bamba imigodi emhlabathini, futhi bayaziqinisa ngokhonkolo, kepha, O Nkulunkulu, ngeke bakwazi ukucashela ulaka lukaNkulunkulu. Kunekhambi elilodwa—lodwa kuphela, Nkosi, futhi sijabule kakhulu ukuthi siKwemukele: “Lapho ngibona iGazi ngizodlula kini.” O, sijabule kanjani ngalokho kuvikelwa okwanele kulobubusuku beGazi leWundlu likaNkulunkulu, umPristi oMkhulu, emi eNkazimulweni kulobubusuku enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Sijabule kakhulu ukuba naYe enathi kulobubusuku, isiKhulumi esikhulu, uMoya oNgcwele omkhulu, umnikezeli gcobo omkhulu, umnikezeli kuPhila omkhulu.

⁵⁷ Futhi manje, Nkosi Nkulunkulu, njengoba ngibize laba bantu ndawonye lapha ngaphansi kwalolu phahla kulobubusuku, futhi sibuthene lapha njengebandla noma ingxenye yalo, asibuthene egameni laleli tabernakele noma egameni lanoma yimuphi umuntu ngamunye, kodwa eGameni likaJesu Kristu. Vumela uMoya ubuse umzimba waKhe nomqondo waKhe, futhi waMlawula, angene kithi kulobubusuku futhi ahumushe iZwi futhi ashumayeke iZwi, futhi aLinike izinhliziyi zethu ezilambile njengoba silindela kuYe. Ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen. (Hlalani phansi.)

⁵⁸ Manje kinina eninamaBhayibheli enu, phenya esahlukweni 1 seSambulo bese uqala evesini 9; amapensela enu namaphepha, futhi ngizozama ukuninikeza izinsuku ezimbalwa nokunye nokunye njengoba ngiqhubeka.

⁵⁹ Manje, lokhu empeleni ku...Kulokhukusa bekuluhlobo lwentshumayelo kakhulu, ukubekwa kwesisekelo phezu kobuNkulunkulu, kweSambulo; UNkulunkulu embulwe kuKristu. Bangaki abaKukholwayo na? UNkulunkulu wembulwa kuKristu, uJehova wembulwa kuKristu. Manje uNkulunkulu uzokwambulwa kuphi na? EBandleni laKhe, kanye nabantu baKhe, kithi. UMoya ofanayo, imisebenzi efanayo, ukubonakaliswa okufanayo, uthando olufanayo, intethelelo efanayo, ukubekezela okufanayo, ubumnene, ukukhuthazela, ukuthula, isihe, nakho konke okwakukuKristu kuseBandleni. Khumbulani, gcinani lokhu engqondweni: konke lokho uNkulunkulu ayeyikho wakuthululela kuKristu (Wayengukugcwala kobuNkulunkulu emzimbeni), futhi konke lokho uKristu ayiyikho wakuthululela eBandleni. UNkulunkulu ngaphezu kwethu, uNkulunkulu enathi, uNkulunkulu kithi. Ubuthathu emunye bukaNkulunkulu, uNkulunkulu ebonakaliswe ngezindlela ezintathu ezehlukene: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.

⁶⁰ ISambulo sakhombisa ukuthi akasibo onkulunkulu abathathu, kanjalo akanqunyiwe waba sezingeezwini ezintathu. Kepha UnguNkulunkulu oyedwa owayenguNkulunkulu ezinsukwini zobuBaba, WayenguNkulunkulu ezinsukwini zobuDodana, UnguNkulunkulu ezinsukwini zesimiselo sesikhathi sikaMoya uNgcwele, uNkulunkulu ofanayo. Hhayi abathathu abahlukile, hhayi abantu abathathu, hhayi ubuntu obuthathu. UnguMuntu oyedwa, ubuntu obubodwa. Awukwazi ukuba ubuntu ngaphandle kokuba ngumuntu. Abanye abantu bathi, "Akasibo abantu abathathu, kepha Unobuntu obuthathu." Awukwazi ukuhlukanisa lokho; ngoba uma Enobuntu, Ungumuntu; ufanele abe ngumuntu ukuze enze ubuntu. Ngakho-ke UnguMuntu oyedwa, ubuntu obubodwa; onguye izolo, namuhla, naphakade; U-Alfa, u-Omega; Uwayekhona, okhona, futhi oyakuza. O, Uyikho KONKE nje. Ngiyakuthanda lokho.

⁶¹ Bhekisisani imvelo yaKhe, impilo yaKhe, imisebenzi yaKhe. Ifanele ibonakaliswe khona lapha kuleli tabernakele, njengoba nje kwakunjalo osukwini lwaKhe. (Hhayi ukusho lokhu ngokubandlulula; uNkulunkulu uyakwazi lokho.) Hhayi lapha kuphela, kepha emhlabeni jikelele. Ngiyajabula ukuthi kunjalo. Khona-ke siyazi ukuthi simi kuphi ngoba sinalowo Moya ofanayo kithi, uhamba nathi futhi ubonisa ukuthi Ulapha. Akusithi, nguYe; asikwazi ukwenza lezo zinto, uNkulunkulu. Ngaphandle kwalokho, ezweni lesayensi, Wavumela isithombe saKhe ukuba sithwebulwe. Kanye nathi, kithi, ngakithi, ngaphezulu kwethu, ngathi, esebenza ngaphakathi nangaphandle kwethu. O, kumangalisa kanjani!

⁶² Babevamise ukucula iculo elincane:

NGINGUYE owakhuluma kuMose, esihlahleni
 somlilo esivuthayo,
 NGINGUYE uNkulunkulu ka-Abrahama,
 iNkanyezi yoKusa eKhazimulayo.
 NGINGUYE iMbali yaseSharoni; o, nithe
 Ngivelaphi na?
 Niyamazi uBaba wami, noma ningalisho
 iGama laKhe na?
 O, nithi Ngingubani, noma nithi Ngivelaphi
 na?
 Niyamazi uBaba wami, noma ningalisho
 iGama laKhe na?
 NGINGU-Alfa, Omega, isiqalo nesiphetho,
 NGINGUYE indalo yonke, futhi uJesu
 yiGama.

⁶³ O, simangalisa kanjani, iSambulo! Manje, khumbulani, awukwazi ukuSithola ngosiyazi bezenkolo, Asizi ngaleyondlela. Sizozakuphela njengesambulo. Ukubhaphathiza ngamanzi, ukusebenzisa iGama likaJesu Kristu, linganikezwa kuphela njengesambulo. UJesu noNkulunkulu enguMuntu ofanayo kungafika kuphela njengesambulo. Lonke iBhayibheli lakhelwe phezu kwesambulo. Lonke iBandla lakhelwe phezu kwesambulo. UMathewu 17 uthi, “Ngoba ngathi, ‘Phezu kwalelidwala (isambulo sokomoya) Ngizolakha iBandla lami, namasango esihogo angeke aLahlula.’” Siphonsele inselele noma ubani ukuba asikhombise, noma kuphi, umlando noma umBhalo, lapho kwakukhona noma yibaphi abantu abake babhaphathizwa egameni “likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele” ngaphandle kwebandla leKatolika kwaze kwaba sosukwini lukaMartin Luther. Kwase kuba ibandla lamaProtestani, kwaku. . .

⁶⁴ Futhi bonke ububi. . .Lalelani, njengoba singena eminyakeni yebandla. Bonke ububi obabusebandleni lokuqala, beqa bangena kwelilandelayo. Kwakulokhu kuqhubeka nje kwehla kuze kuthi ekugcineni kuphethela ekuhlubukeni okugcwele osukwini lokugcina. Bonke ububi kulokhu kuqhubeka kweqela onyakeni ngamunye, zonke izinkoleloze ezincane ezaqala. NjengakuGenesisise, umvini, waqala ukukhula, waluka indlela yawo uguduza ebandleni futhi uphuma ngezinsuku zokugcina. Akumangalisi iBhayibheli lathi, “Babusisiwe abaphunyukayo ngalolosuku.” Yebo, mnumzane, abaphunyuka kuzo zonke lezi zinto.

⁶⁵ Manje cela uNkulunkulu ukuba. . .sisakhuluma eSambulweni, Mcele ukuba akuphe isambulo saLokhu. Ngokuba Kungaziwa kuphela ngesambulo, futhi ungasindiswa kuphela ngesambulo. Unolwazi lwaKho, ngokuhlakanipha, kepha awunakusindiswa kuze kube Kwembulwa kuwe. “Akekho umuntu ongabiza uJesu ngoKristu, kuphela ngoMoya

oNgwele.” Yilokho okushiwo yiBhayibheli. Akekho umuntu ongathi uJesu unguKristu aze ukuba wemukele uMoya oNgwele. Angahle athi, “Umelusi usho njalo, iBhayibheli lisho njalo.” Lawo amaqiniso. “Ibandla lisho njalo.” Lelo yiqiniso. Kodwa wena awuzazi kuze kuba uMoya oNgwele uKwembulele wena, futhi Usebe kuwe. “Akukho muntu ongabiza uJesu ngoKristu, kuphela ngoMoya oNgwele.” Hhayi ngolwazi, hhayi ngobuhlakani.

⁶⁶ Bazolenza kanjani iBhayibheli lokho... Azama ukuLicindezela, alenze Lifanele amaJuda, amaKatolika, namaProtestani, lapho ehlukene njengosuku ebusuku. Wacabanga ukuthi amaJuda azi kangcono kunalokho; Ngiqagele mhlawumbe yihora nje lakho ukuba kufike, lapho konke kuzofanele kungene kulokhu kuhlubuka okukhulu. Ngakho-ke, futhi zonke izinto zimane nje zikhumbule, asikwazi ukukuvimba, kodwa into kuphela esingayenza ngukuphonsa ukuKhanya phandle lapho, mhlawumbe sizinikele njengomfel'ukholo bese sihamba, ngakho-ke iyona ndlela kuphela esingakwenza ngayo. Kepha abaningi bazodingeka benze lokho. Futhi ngakho yileyo ndlela iBhayibheli elamiswa ngayo nezinto esingena kuzo. Uma ngingabhekisisi, ngizongena kukho.

⁶⁷ Manje, into yokuqala eNcwadini yeSambulo, iqala ngokuthi IyiSambulo sikaJesu Kristu, ukuthi Ungubani. Manje, uJesu Kristu unguNkulunkulu uMninimandla onke. Siyakwazi lokho. Bangaki abakukholwayo na? thanini “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.] UnguNkulunkulu uMninimandla onke, futhi uneGama elilodwa. Lelo Gama yilona gama kuphela elinikezwe ngaphansi kweZulu ofanele usindiswe ngalo, uJesu Kristu. “Kungani beLisaba echibini na?” yilokho okungangimangalisi. E-hhe. Niyabo? Yingenxa yokuthi lowo moya wanyelelela wangena emuva le lapho oNyakeni waseSmirna; futhi wazeluka waqhubeka ngqo wehla wadlula wangena kulowonyaka omkhulu wobumnyama, futhi wakwenza imfundiso, futhi waphuma kanye nakho kulolusuku lokugcina. Manje, bhekisisa umlando nje neBhayibheli njengoba sidlula kuleliviki, ukuthi kuzikhipha kanjani—kanjani lezo zinto.

⁶⁸ Manje into elandelayo. Sanikezwa nguKristu kuJohane, ngengelosi, ukuba sinikezwe kwawaKhe (ini) amabandla, ukuSembula emabandleni aKhe. Futhi izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni saKhe kwakuyizithunywa eziyisikhombisa zamabandla ayisikhombisa. Futhi wonke umuntu oyoke abe noMlayezo, uzoba naso, uMlayezo weqiniso ofanayo oqala ekuqaleni.

⁶⁹ Futhi ngaphezulu, uma sehla sifinyelela kulezozindawo ezijulile lapho, ukubona ukuthi uNkulunkulu wazidonsela kanjani lezi zinto ngaphakathi, kuyamangalisa. Kuzokwenza umemeze nje. Nginga, ngikufunda, bese ngihambahamba

isikhashanyana futhi ngikhale, ngibuyele emuva ngiphinde ngihlale phansi futhi, bese ngihambahamba isikhashana. Ngijabule kakhulu ngokwazi ukuthi: UNkulunkulu waze wenzeka kanjani ukuba abe nesihe kangaka ukusivumela sibone leyonto ehoreni esiphila kulo? Ngani, kunjengoba uJesu athi, “Umuntu uthengise ngakho konke ayenakho ukuthenga idayimane elithize.” Ulithengisela izwe, izinto zezwe, nakho konke okuphathelene nanoma yini enye, ukuze abe naLokhu. Kunjalo, beka ihange lakho lonke kuLokho. Yihange lomphfumulo ukubona ukwambulwa kwaKhe kweZwi laKhe.

⁷⁰ Manje, noma ngubani oSifundayo ubusisiwe. Kunjalo na? Futhi sishilo kulokhukusa, uma ungakwazi ukufunda, noma ngubani oSizwa sifundwa, ubusisiwe. Manje, Siqala ngesibusiso kulabo abayohlala ngisho futhi baSilalele sifundwa, futhi yisiqalekiso kunoma ngubani oyoza ukunezela noma yini kuSo noma asuse noma yini kuSo. Manje-ke uma iBhayibheli lembula ngokusobala ukuthi uJesu wayenguNkulunkulu uMninimandla onke, khona-ke maye kulowo ozokususa lapho. Ya. Yisambulo. Noma ngubani oyakungezela noma yini... Uhlu oluphelele lwe—lweSambulo; yiNcwadi kaNkulunkulu yokugcina, amaZwi aKhe okugcina, awaKhe okugc-... Futhi noma yisiphi isambulo esiphikisana naLeso, singesesiprofetho samanga; akusiyena uNkulunkulu, ngoba lokhu yiQiniso.

⁷¹ Futhi, khumbulani, lena yiyona kuphela incwadi eBhayibhelini uKristu ayiphasisa, qobo lwaKhe. Cabanga ngalokho! Incwadi kuphela, ingukwambulwa kwaKhe uqobo. Incwadi kuphela Abeka uphawu lwaKhe kuyo, futhi wabeka izibusiso zaKhe neziqalekiso zaKhe. Izibusiso kulabo abazoYemukela, iziqalekiso kulabo abangayikuYemukela.

⁷² Manje—manje sifinyelela esiqhingini sasePhatmose manje ukuze siqalise, ivesi 9. Indawo yokuqala, sifuna ukusho ukuthi ku... Isihloko salokhu singukuthi: *UMbono WasePhatmose*. Kwenzeka ngo A.D. [U A.D. kusho ukuthi uJesu azalwa—Umh.], phakathi kuka A.D. 95 no 96. Indawo yayisiqhingini sasePhatmose. Indawo yaso ingamamayela angamashumi amathathu ukusuka ogwini lwase-Asia Minor, entshonlanga, ukubhekana nebandla lase-Efesu, oLwandle i-Aegean olwahlukaniswe iMedithera. Yileyo ndawo lapho sikhona.

⁷³ Cabangani! Manje, isiqhingini esincane sihleli amamayela angamashumi amathathu ukusuka ogwini lwase-Asia Minor, oLwandle i-Aegean. Ngokubhekana nje nebandla laseFiladel-... noma ibandla lase-Efesu, lapho uMlayezo wokuqala wanikezwa khona, lapho uJohane wayengumelusi khona ngaleso sikhathi. Ngamanye amazwi, wabheka emuva ngqo empumalanga futhi wayebuka ngokuqondile ngqo ebandleni lakhe, kusukela lapho ayekhona. Futhi uMlayezo wokuqala wawubhekiswe ebandleni lakhe, elalimelele unyaka

webandla. Kulungile, umbono wanikezwa uJohane oNgwele omkhulu, owayengumelusi webandla e-Efesu ngaleso sikhathi.

⁷⁴ Sasisimo sini-ke lesi siqhingi na? Sasikuphi, futhi simo sini? Kulungile, siyaziwa emlandweni njengesiqhingi esinamadwala esigcwele izinyoka, ofezela, izibankwa nokunye nokunye. Kungamamayela angamashumi amathathu ukusizungeza, futhi sigcwele amadwala. Sasisetshenziswa, ezinsukwini zikaJohane, njenge-Alcatraz. Indawo lapho umbusi wombuso wamaRoma ayedingisa khona izelelesi, izelelesi ezimbi ngempela, ukuthi babengeke bazigcine ejele nokunye nokunye, babezibeka phandle lapho kuleso siqhingi ukuba zife; baziyeke zihlale lapho zize zife.

⁷⁵ Umbuzo: Isizathu ukuthi kungani Johane wayelapho na? Indoda emesabayo uNkulunkulu, indoda elungile, indoda enedumela elihle, isimilo esihle, engakaze abe senkingeni, kungani le ndoda yayilapho na? IBhayibheli lathi, “Ngenxa yeZwi likaNkulunkulu nobufakazi bukaJesu Kristu.”

⁷⁶ Manje sinokuhleleka. Isiqhingi sasePhatmose, oLwandle i-Aegean, amamayela angamashumi amathathu ukusuka ogwini, cishe amamayela angamashumi amathathu ukusizungeza, simadwaladwala, sigcwele izibankwa nofezela nokunye nokunye, futhi sasisetshenziselwa indlu yetilongo (njengoba i-Alcatraz injalo). Bathola isiboshwa abangakwazi ukusigcina etilongweni lapha, bona...izelelesi ezimbi kakhulu kanjalo, basikhiphela e-Alcatraz.

⁷⁷ Futhi manje bathatha loJohane ongwelisiwe omkhulu... owokugcina kubafundi, futhi yena kuphela owafa ukufa kwemvelo. UJohane, ngaphambi kokuya esiqhingini, wayesolwa ngokuba u “mthakathi,” futhi wabiliswa ebhodweni likagrisi amahora angamashumi amabili nane, ngaphandle kokumshisa. Ungeke wabilisa uMoya oNgwele uwukhiphe kumuntu...?...Bambilisa amahora angamashumi amabili nane ebhodweni likagrisi, ngaphandle kwanoma yikuphi ukulimala. Futhi kwathiwa, isizathu amaRoma anikeza, ukuthi, “Wayengumthakathi, futhi wathakatha ugrisi.” Lokho ingqondo yenyama engacabanga ngakho! Manje, niyabo, lapho besibiza “abafunda ingqondo, ababhuli, noBhelzabhule,” niyabona lapho lowo moya wakudala ovela khona na? Kepha niyabona lapho uMoya wangempela uvela khona na? Yiminyaka yebandla. Niyabo? Amahora angamashumi amabili nane, ebilisiwe koshisayo, ugrisi obhubhudlayo, futhi awukaze umthinte ngisho. O, uNkulunkulu wamvikela kanjani kuYe ngoMoya waKhe oNgwele. Umsebenzi wakhe wawungaqediwe.

⁷⁸ Bambeka esiqhingini iminyaka emibili. Futhi ngenkathi uNkulunkulu emmisa lapho yedwa kuye, wabhala incwadi yeSambulo njengoba iNgelosi yeNkosi imembulela yona. Kwase kuthi lapho lokho sekuphelile, ubuyela ezweni lakubo futhi

walusa ibandla lase-Efesu. Futhi wafa futhi wangcwatshwa e-Efesu, uJohane waphezulu.

⁷⁹ O, ukuhleleka okunje manje! Kulungile, ibandla khona-ke ngaphansi kukaJohane, noma ngaphansi kokuhlushwa okukhulu, uJohane ubhala ivesi 9:

Mina Johane, umfowenu... ekuhlush-... nomhlanganyeli kanye nani ekuhlushweni, nasembusweni nasekubekazeleni kukaJesu Kristu, ngangisesiqhingini esithiwa yiPhatmose, ngenxa yezwi likaNkulunkulu, nangenxa yobufakazi bukaJesu Kristu.

⁸⁰ Ngamanye amazwi, wathatha iZwi likaNkulunkulu futhi waLifakazela, ukuthi LaliyiZwi likaNkulunkulu, futhi uKristu wabuya ngaye futhi wafakaza ukuthi wayeqinisele. Nakho lapho okhona. IZwi likaNkulunkulu libonakaliswa kuye, lifakazela ukuthi wayeyinceku kaNkulunkulu. Khona-ke abakwazanga ukuphika Lelo, ngakho-ke badingeka ukuthi bamtshele ukuthi waye “ngumthakathi.” “Wathakatha ugrisi futhi awuzange umlimaze, futhi wathakatha abantu futhi abaphiliswa, futhi wayengumbhuli ongakwazanga... Uhlobo oluthile lomuntu omubi, nogulayo umoy-...umoya omubi.” Futhi yingakho bamkhiphela ngaphandle lapho, babecabanga ukuthi wayeyingozi ukuba abe phakathi komphakathi. Kepha wayephethe kuphela intando kaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wayenenhloso ngaphansi kwaso sonke lesosimo.

⁸¹ Wayengakwazi ukumsebenzisa, nakho konke ekuhlushwa nezinto, ngoba abangcwele babefika, “O, Mfowethu Johane, sizokwenzenjani ngalokhu na? Futhi sizokwenzenjani na?”

⁸² UJohane wayengumprofethi, siyakwazi lokho. Futhi ngakho-ke babebuzo le mibuzo, ngakho-ke uNkulunkulu wayesanda kuba noMbuso wamaRoma ukuba umqokule bese umbeka phandle lapho esiqhingini. Futhi wathi, “Manje, woza, Johane, ngifuna ukukukhombisa okuthile okuzokwenzeka.” Owokugcina kubaphostoli, wayengasekho omunye ukuSiloba ngaphandle kukaJohane. Base bemhlalisa phandle esiqhingini sasePhatmose kusukela ngo A.D. 95 kuze kube u A.D. 96. Futhi waSibhala, futhi wathi:

Mina... ngingumfowenu, nomhlanganyeli kanye nani ekuhluphekeni,...

⁸³ Manje, akakhulumanga ngokuHlupheka okuKhulu. Lokho kwakungesikho ukuHlupheka okuKhulu, futhi akufiki eBandleni. UkuHlupheka okuKhulu kuza kumJuda, hhayi eBandleni. Ngakho kwakungesikho ukuHlupheka, ukuHlupheka okuKhulu.

⁸⁴ Manje ivesi 10:

NgangikuMoya ngosuku lweNkosi, ngezwa emva kwami i... izwi, ...elecilongo,

NgangikuMoya ngosuku lweNkosi, . . .

⁸⁵ Manje, angeke wenze lutho oluhle uze kuqala ungene kuMoya; UNkulunkulu akakwazi ukukusebenzisa. U—u—u—u. . . Yonke imizamo yakho i—iyize kuze kuba kuqala uyenza kuMoya. “Uma ngizocula, ngizocula kuMoya. Uma ngikhuleka,” kwasho uPawulu, “Ngizokhuleka kuMoya.” Bese kuthi-ke uma kukhona noma yini eza kimi elungile, ifanele ukwambulwa kimi nguMoya futhi kuqinisekiswa yiZwi (ibonakalisiwe ngemiphumela eyithelayo).

⁸⁶ Manje njengokuthi, ngamanye amazwi, uma ngithi, uJesu Kristu wathembisa eZwini laKhe ukuthi uma ngiphenduka, ngibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ngiyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Into yokuqala okufanele ukuba ngiyenze ngukuphenduka. Kwambuliwe kimi ukuthi lokho kuyiqiniso. Khona-ke ngibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, khona-ke imiphumela ungukuthi: Ngizokwemukela uMoya oNgcwele.

⁸⁷ Uma ngigula, futhi Wangethembisa ukuthi uma ngiyokholwa futhi ngibe namalunga ebandla angigcobe ngamafutha, akhuleke phezu kwami, umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. “Nkosi, ngiyakholwa. Ngilandela ukuyalela kwaKho, makuthi amalunga akhuleke phezu kwami, angigcobe ngamafutha.” Lokho kuyakuxazulula, vele uqhubeke nje, konke seku—sekuphelile.

⁸⁸ “O,” wena uthi, a “wuzwa nayimuphi umehluko, nokho.” UJesu akazalwanga, ngenkathi uNkulunkulu eMhlaba ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi Waye—Wayeyiwundlu likaNkulunkulu, wahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Kodwa emqondweni kaNkulunkulu uQobo, Wayesevele ekwenzile. Ngangingekho lapha ngaleyonkathi kanjalo, kanjalo nawe; kodwa encwadini kaNkulunkulu, uma amagama ethu ayelokhu ekhona lapho, lafakwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

⁸⁹ Lapho uNkulunkulu esho noma yini, Kuzofanele kwenzeke. Ngakho-ke uma uhlangabezana nezidingakalo zikaNkulunkulu, khumbula nje, uNkulunkulu Uzozibonakalisa futhi anakekele konke kwakho, uvele uqhubeke nje, ngumsebenzi osuqediwe. O, akumangalisi lokho na? O, he, cabanga! Vele utshele uNkulunkulu nje. . . Futhi uNkulunkulu wathi, “Yenza *lokhu*, futhi Ngizokwenza *lokhu*.” Awu, uma ngiya kokwenza *lokhu*, Uzokwenza *lokho*.

⁹⁰ Manje, udeveli uthi, “Uyabo, Uyalibala.”

Lokho akwenzi mehluko. UDaniyeli wakhuleka ngesinye isikhathi futhi kwakuyizinsuku ezingamashumi amabili nanye ngaphambi kokuba iNgelosi ize ifike kuye, kepha akadikibalanga, wayazi ukuthi Yayizoza noma kanjani, ngakho-ke walinda nje Yaze yafika lapho. Yilowo umqondo. O, yilapho

othola khona ukukholwa. Manje sizofanele siphume kulokho, sizoba nenkonzo yokuphulukisa ngokushesha impela, besingeki saba nayo na? Kulungile. Ya, yokukholwa. Kodwa sifuna inkonzo ephulukisa umphefumulo, ukuphulukisa ingaphakathi, ngoba yilokho okuzohlala isikhathi eside, uthola ukuPhila okuPhakade. UkuPhila okuPhakade akushabalali noma kuguge, kuyahlala, kuhlala kufana.

⁹¹ Manje, wangena kuMoya ngaphambi kokuthi kwenzeka noma yini. Into yokuqala ayenza, wayesesiqhingini esithiwa iPhatmose (zonke lezi zinto ayezenzile), futhi wathi, “Ngezwa iphimbo,” nazo zonke lezi ezinye izinto. Kodwa ngaphambi kokuthi kwenzeka noma yini, wayekuMoya. Futhi uma uqaphela lokho eBhayibhelini lakho, omkhulu usonhlamvukazi uMoya, uMoya oNgewe. Amen! Wangena kuMoya. O, ngicabanga ukuthi lokho kuyamangalisa:

NgangikuMoya ngosuku lweNkosi, . . .

⁹² Kuluphi usuku na? Usuku lweNkosi. Manje, kunengxoxiswano enkulu. Ake sikuthulise nje lokho, okomzuzo nje.

⁹³ Manje, njengoba sishilo kulokhukusa, abanye bathe isambulo, sikaMathewu oNgewe 17, kwakungu “Petru.” IBandla leKatolika lathi, “Wakha iBandla laKhe phezu kukaPetru; wayengupapa wokuqala.” Wayengaba kanjani upapa futhi ebe eshadile na? Niyabo? Futhi wathi, “UPetru waya eRoma, wembelwa lapho.” Ngitshele-ke indawo eyodwa, umlando noma nomaphi, lapho uPetru wake waya eRoma. Niyabo? UPawulu waya, kodwa hhayi uPetru. Kulungile.

⁹⁴ Ngakho-ke sithola ukuthi zonke lezi zinkoleloze nezinto, sezivele zangena ngesinyelela zenyuka nje. Niyabo? Kodwa, futhi abantu namuhla ba . . . nomaphi lapho uya khona, bona . . . Elinye ibandla elikhulu linesipikili esithile esasisesandleni saKhe. Niyazi ukuthi zingaki izipikili anazo, izipikili ezangokoqobo, namuhla ezazise . . . ? Ishumi nesishiyagalolunye. Bathola amathambo, bathola—bathola izicucu zezambatho ezinde, futhi bathinta futhi babamba. Futhi asi—asinazo lezozinto, asikudingi lokho. UKristu uyaphila! Ukithi, hhayi isipikili esithile, noma ucezu lwesiphambano, noma ucezu lwethambo, noma okuthize. UnguNkulunkulu ophilayo, ophila kithi manje, eZibonakalisa. Sinodaba olulodwa kuphela lwesikhumbuzo, lokho iSidlo seNkosi sakusihlwa, isikhumbuzo sokufa kwaKhe. Kodwa kuze kufike kuJesu Yena qobo, Unathi futhi ukithi. Futhi yileyonto esifuna ukuyivayizisa (inkazimulo kaMoya oNgewe) ezweni. SiLivayizise kuze kuphume ukuKhanya. Kulungile.

⁹⁵ Manje, i . . . Ngakho-ke, niyabo, sathatha lolo olunye uhlangothi lomgwaqo. Niyazi bengilokhu ngizama ukuba yilokhu, futhi iNkosi yethu ibilokhu ingembulela khona;

kukhona okunye olwedlulele, nolunye olwedlulele, kodwa khona ngqo maphakathi nomgwaqo kulele iQiniso. Nike naqaphela u-Isaya, lapho Asho ukuthi kuyakuba khona umendo na? U-Isaya 35. Futhi niyakhumbula ukuthi abazalwane bethu abangamaNazarene abaligugu babevame kanjani ukucula leluculo, niyazi, “*Umendo WobuNgcwele. Umendo WobuNgcwele.*” Manje, uma uzolifunda iBhayibheli lakho kahle, alisho ukuthi “umendo wobungcwele.” Lathi, “Kuyakuba nomendo *nendlela*, futhi iyakuthiwa,” hhayi umendo wobungcwele, kepha “*indlela* yobungcwele.” U *ne* isihlanganiso esiqedela umusho wakho. Niyabo? “Kuyakuba khona umendo *nendlela*, futhi iyakuthiwa *indlela* yobungcwele,” hhayi umendo wobungcwele.

⁹⁶ Niyabo, umgwaqo wakhiwe, *indlela* . . . Umgwaqo omuhle wakhiwe, ingxenye ephakeme kunazo zonke yimaphakathi, ngoba ivumela wonke udoti ugezeke usuke uye kuwo omabili amacala. Yilokho nje. Uma umuntu eza ngempela kuKristu, uba namehlo akhe emaphakathi noKristu. Uma ethi ukuba namadlingozi kancanyana, uzoba uhlanya. Uma ethi ukubanda kancane, uzogibela kulolu olunye uhlangothi futhi abe ikhukhamba nje, ngaphesheya kulolo hlangothi; niyabo, ukuhlakanipha kwakhe. Kodwa into esemqoka imaphakathi ngqo komgwaqo, noMoya owenele kuwe, ukugcina ufudumele futhi uhamba. Amen! Futhi ukwazi okwanele ukuzigcina ungaphansi kokulalela uMoya, ukuhamba njengoba nje noMoya uhamba; hhayi kuze kube noma emva, njengoba nje uMoya uhamba.

⁹⁷ Ibandla leKatolika lathi, “Isambulo sasinguPetru.”

Ibandla lamaProtestani lathi, “SasinguKristu.”

Kepha iBhayibheli lifundisa ukuthi, “Kwaba yiSambulo Asinikeza (uNkulunkulu wamnika sona) ngoKristu.”

“Wena UnguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.”

“Ubusisiwe wena Simoni, ndodana kaJona, inyama negazi akukwambulelanga lokhu, akekho umuntu, ikolishi lezenkolo, noma isigodlo sezindela, noma yini, okukufundise Sona. Kepha uBaba wami osezulwini ukwambulele lokhu. UnguPetru, phezu kwalelidwala ngizolakha ibandla lami, namasango esihogo awayikuLahlula.”

⁹⁸ Manje sifika kwenye indawo lapha lapho bethola khona imibono emibili ehlukeni. Manje, ngingahle ngibe nephutha; uma nginalo, uNkulunkulu angithethelele. Kodwa ngeke ngivumelane neSeventh-day Adventists esho ukuthi, “Kwakungusuku lwesikhombisa ayekulo, usuku lweNkosi.” Abazalwane beSeventh-day Advent, nabaningi babo, bathi kwakulusuku lwesabatha alubiza ngosuku lweNkosi. Ibandla lamaKristu lilubiza, usuku lweNkosi, “I—iSonto, usuku lokuqala.” Futhi siqaphela izikhathi eziningi ukuthi—ukuthi

ibandla lamaKristu namanje, namuhla, abantu beProtestani, babhekisela kulo njengokuthi “Usuku lweNkosi, iSonto.” Lokho akukho ngokombhalo. ISonto lwaluwusuku lokuqala lweviki eBhayibhelini, hhayi usuku lweNkosi. Futhi kanjalo lwalungelona usuku lwesikhombisa, isabatha. Bekungeke kwenzeke ukuthi kube ngolunye lwalezo zinsuku ngoba kwathatha uJohane iminyaka emibili ukuloba iSambulo. Kwakuyiluphi usuku na? Bekuyoba nephasika eliningi lalezozinsuku zesikhombisa nezinsuku zokuqala.

⁹⁹ IBhayibheli, iSambulo salotshwa kusukela ngo A.D. 95 kuya ku 96, iminyaka emibili. Kwakulusuku lweNkosi. Usuku lweNkosi yikho kanye okwakusho, futhi yilokho okwakuyikho. UJohane wathwalwa kuMoya wawela wangena osukwini lweNkosi. Lolu wusuku lomuntu, kepha usuku lweNkosi luyakufika. Kuqhubeke kwehle ngemiBhalo sizothola ukuthi wayesosukwini lweNkosi, wahlwithelwa eMoyeni futhi waweliselwa osukwini lweNkosi. Amen! Kunjalo. Niyabo, wayesosukwini lweNkosi. IBhayibheli likhuluma ngosuku lweNkosi. Sifika kukho kancanyana, imiBhalo eminingi.

¹⁰⁰ Into yokuqala, usuku lwesabatha, njengoba sikhuluma ngalo, usuku lwesabatha akusikho ukugcina usuku oluthile. Asinawo umyalo wokugcina uMgqibelo ube yisabatha. Asinawo umyalo wokugcina usuku lokuqala lube yisabatha, eTestamenteni eliSha. IBhayibheli lathi, kumaHeberu isahluko 4, “Uma uJesu wayebanike ukuphumula, ubengeke kamuva akhulume ngolunye usuku.” Kunjalo. Kepha kuisilele ukuphumula, noma ukugcina-isabatha, kubantu bakaNkulunkulu. Ngoba thina esakholwayo, nathi, singene ekuphumuleni kwaKhe; siyeka imisebenzi yethu njengoba kwenza uNkulunkulu kweyaKhe.

¹⁰¹ Bhekisisani! O! Ayibongwe iNkosi. Ngiquqala ukuzizwa ngikahle kakhulu, ngiyazeqa.

¹⁰² Qaphelani, ngosuku lwesabatha. UNkulunkulu wenza umhlaba ngezinsuku eziyisithupha, kwathi ngosuku lwesikhombisa Wangena ekuphumuleni futhi akabange esaphindela neze ukuba akhe amazwe. Khona-ke Wayeselunika abantu njengesikhumbuzo. Ngoba ubungeke ulugcine manje, ngoba uma ugcina isabatha lapha, olunye uhlangothi lomhlaba yiSonto khona-ke futhi. Niyabo? Ngakho-ke kwakukhombisa ukuthi kwakungokwabantu, ibanga nesikhathi kuka-Israyeli. Kodwa-ke kubasilele abantu bakaNkulunkulu ukugcina isabatha.

*Ngokuba thina... esakholwayo ukungena
ekuphumuleni kwaKhe... nakuba imisebenzi...
(Ngicaphuma amaHeberu, isahluko 4)... nakuba
imisebenzi yenziwa kwasekusekelweni kwezwe.*

Ngokuba ushilo endaweni ethile... ngale ndlela, ... usuku lwesikhombisa...

Futhi, wanquma usuku oluthile, esho ngoDavide, ... (nina enikubhala phansi, amaHeberu 4)

Futhi, uyanquma usuku oluthile, esho ngoDavide, Namuhla, emva kwesikhathi esingaka; kuzwiwe, Uma uzwa... noma wathi, Uma nilizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni inhliziyo zenu.

Ngokuba uma uJesu wayebaphumuzile, (usuku)... wayengayikukhuluma emva kwalokhu ngolunye usuku.

Kepha kubasisele... ukuphumula (noma ukugcina-isabatha)...

¹⁰³ Igama elithi “ukuphumula.” ISabatha igama elingajwayelekile kithi, elisho “ukuphumula.” Yigama lesiHeberu elisho usuku “lokuphumula”, usuku lwesabatha; ungasebenzi, phumula.

Ngokuba uJesu wayebaphumuzile, ... wayengayiku... khuluma ngolunye usuku.

Kepha kubasisele... ukuphumula (noma ukugcina-isabatha) abantu bakaNkulunkulu.

Ngokuba lowo ongenile ekuphumuleni kwakhe, ... siyeka kweyethu... imisebenzi, njengoba uNkulunkulu enza kweyakhe.

¹⁰⁴ Asibuyeli neze kuyo ngosuku olulandelayo lweviki bese siyiqale futhi, singenile ekuPhumuleni. UJesu ekhuluma ngokubusisa, Wathi, “Nibezwile bethi abasendulo, ‘Ungabulali.’ Ngithi kini, yilowo nalowo, othukuthelela umfowabo ngaphandle kwesizathu, usembulele vele. Nizwile bethi, labo abasendulo, ‘Ungaphingi.’ Lowo ngumyalo. Kepha ngithi kini, noma ngubani obuka owesifazane ukuba amkhanuke usephingile naye kakade enhliziyweni yakhe.” Ngabe kunjalo na?

¹⁰⁵ Ngakho-ke zonke lezi zinto zaziyizikhumbuzo, izibonakaliso nje, izimangaliso, zilinde isikhathi sangempela ukuba sifike. Manje, lapho uJesu eseqede lokho, uMathewu 11, (ukubusisa), Wathi:

Wozani kimi, nina nonke enikhatheleyo, enikhandlekile, nenisindwayo, ngizoniphumuza emiphefumulweni yenu.

Bekani ijoka lami kimi, nifunde kimi; ngokuba ngimnene futhi ngithobekile... (kunjalo na?)

Wozani kimi, nina nonke enikhandlekile ne... sindwayo, ngizoniphumulisa umphefumulo wenu. (“Uma ukhandlekile usuku olulodwa, izinsuku eziyishumi, iminyaka emihlanu, iminyaka

engamashumi amathathu nanhlanu, iminyaka engamashumi amahlanu, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, futhi ukhathele futhi ukhandlekile, woza kiMi, NgizokuPhumuza. Ngizokwethula wonke lowo mthwalo wesono kuwe, futhi ngingene kuwe, futhi ngikunikeze ukuphumula okuphelele nokwaneliseka.”)

¹⁰⁶ Manje, kuyini lokho kuphumula na? Asi—asivele sixazulule lokhu nje kancanyana, sibone ukuthi kuyini. Abanye babo bathi, “Ngani, uya kojoyina ibandla.” Qhabo! “Ufaka igama lakho encwadini.” Qhabo! “Awu, uhlobo oluthile lombhaphathizo wamanzi.” Qhabo! Ake sikuzazulule nje bese sibona ukuthi kuyini. Ungathanda ukwenza lokho khona lapha ngenkathi sisalindile na? Sizobona lapho uJohane aya khona. Ngaleya kuluphi uhlobo losuku aya kulo na?

¹⁰⁷ Ngenkathi uJesu efa emhlabeni, futhi umsebenzi waKhe waqedwa, Wangena endaweni ethize.

¹⁰⁸ Manje ake sibuyele ku-Isaya isahluko 28, nevesi 8. Ngikholwa ukuthi uye, manje, u-Isaya 28:8. Futhi asifunde, u-Isaya 28, umprofethi ekhuluma iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba kwenzeke. Manje, bangaki abangathanda ukwazi ukuthi *isabatha* leqiniso liyini, ukuphumula kweqiniso kuyini na? Nakhu. Manje, nakhu lapho umprofethi akukhuluma khona, futhi ngizonikhombisa ukuthi kwenzeke kuphi. Bhekisisani, u-Isaya 28:8:

Ngokuba onke . . . (umprofethi eprofetha ngalezi zinsuku)

Ngokuba onke amatafula agcwele ubuhlanzo nokungcola, (abantu bethatha isidlo, obhemayo futhi ephuzi futhi eqamba amanga futhi ebe) . . . kuze kungabe kusabakho indawo ehlanzekile.

Ubani ayakumfundisa ukwazi? . . .

Ngubani ongamfundisa ukwazi namuhla na?

¹⁰⁹ Bangaki abezwe uBilly Graham namuhla na? Bekuyintshumayelo emangalisayo ashumayeke ngayo, kanjani ukuthi abantu bengakholwa amanga futhi nje beqhubeke kulawo manga futhi—futhi bazithethelele ngisho futhi bacabange ukuthi bebenza okwakulungile. Umphakathi waseMelika uthatha, wathi, futhi ethi, “Ihluzo lomuntu ohlakaniphile, nosikilidi womuntu obhemayo,” ethatha amanye amanga kadeveli, futhi esikhundleni sokumenza isiwula, noma ngabe yini ayiyo, ukubhema into enjalo azame ukumenza umuntu ohlakaniphile. Uyisiwula ukuba ngisho awubheme, lapho i . . . lapho ugeweke ukufa nomdlavuza nakho konke okunye, futhi usalokhu ewuphafuza wehle ngamaphaphu akhe. Uyisiwula. Hhayi i—hhayi i—ihluzo lomuntu ohlakaniphile,

futhi ayikho into enjalo. Umuntu ohlakaniphile akayisebenzisi into.

¹¹⁰ “Akukho kuphila ngaphandle uma kuku-Oertel’s 92,” noma okuthize okunjalo. Akukho kuPhila ngaphandle kukaKristu, lokho ukuPhila kweqiniso kwangempela. Yini eyenza amadoda nabesifazane baphuze leyonto na? Ngoba bazama ukwanelisa lokho koma phakathi lapho uNkulunkulu akufaka phakathi ukomela Yena, futhi bazama ukukwanelisa ngezinto zomhlaba. Futhi yingalesosizathu sinalezo zinto. Kungaleso sizathu abantu beziphatha kanjalo, ngoba bazama ukuqeda lokho koma okukubo ngoNkulunkulu, futhi udeveli ubanikeza ukufa esikhundleni sokuPhila.

. . . wonke amatafula agcwele ubuhlanzo . . .

¹¹¹ Abefundisi basesontweni, konke okunye, bakhuluma ngakho, “Kulungile ukuzijabulisa okuhlanzekile okuncane.” Ayikho into enjalo!

Ubani ayakumfundisa ukwazi? futhi enze kubani . . . qondise umbiko? yibo abalunyuliweyo obisini, basuswa emabeleni. (Manje asisesizo izingane.)

Ngokuba kuyisiyalezelo phezu kwesiyalezelo, umthetho phezu komthetho; umudwa phezu komudwa, isilayezo phezu kwesilayezo; lapha ingcosana, nalapho ingcosana:

Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi uzokhuluma kulaba bantu.

Akade esho kubo ukuthi, Lokhu ku . . . (ini? ukugcina isabatha!) . . . ukuphumula lapho ningabangela abayethileyo . . . (“Wozani kiMi nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo.”) . . . ningabangela abayethileyo ukuphumula; Lokhu kungukuhlumelelisa: kepha abathandanga ukuzwa.

¹¹² Kwenzeka nini lokho na? Eminyakeni engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili kamuva ngenkathi ngoSuku lwePentekoste izindebe ezingingizayo zahlala phezu kwabantu futhi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele futhi baqala ukukhuluma ngezinye izilimi futhi, uMoya oNgcwele wathatha izimpilo zabo, baziyeke izinto zabo zasezweni. Khona-ke bangena ekuPhumuleni noKristu. UPawulu wathi, kumaHeberu isahluko 4, “Thina esingenile ekuphumuleni kwaKhe usesiphumuze kuzo zonke izinto zezwe njengoba uNkulunkulu enzile ngosuku lokudala kwaKhe, Wangena ekuphumuleni kwaKhe, futhi singena kanye naYe emva kokuba imisebenzi yethu yasezweni isiphelile.” Nanto elakho langempela, iSabatha leqiniso.

113 Ngakho-ke uPawulu wathwalwa futhi wangena kulowoMoya weSabatha, futhi wadluliswa nguMoya oNgcwele yonke indlela wawela wangena osukwini lweNkosi.

114 Kungani sinezimpi na? Kungani sinezinkathazo na? Kungani isizwe sivukela isizwe na? UJesu weza, iNkosana yokuPhila, futhi baMbulala.

115 Emavikini ambalwa, noma ngisho khona manje, kukhona izinyamazane amadiye ahlala emazweni abandayo noSanta Clause ne-nezinsimbi ezincencezayo nazo zonke izinhlobo zezinto zilenga phezulu, okungumgubho wabahedeni. Kuludaba lwebandla eliKatolika. Abantu bekhokha amanani amakhulu futhi beshintshanisana ngeziphona nezinto ezinjengalezo, abahedeni! UKhisimusi usuku lokukhonza.

116 Futhi empeleni, uKristu akazalwanga ngosuku lwamashumi amabili nanhlanu kuDisemba futhi. Wayengeke. Uma wake waba seJudiya, amagquma agcwele iqhwa, kabi kakhulu kunanjengoba kunjalo lapha. Wazalwa ngo-Ephreli lapho yonke imvelo ivela khona.

117 Manje, kepha kuyisiko labo. Futhi kungani—kungani senza lezo zinto? Ngoba silandela amasiko abantu esikhundleni semiyalo kaNkulunkulu. Bona... Into efana naleyo ibingeke yasho lutho, kodwa benza nje usuku lokuhweba ngakho. Kuyihlazo, ihlazo ngabo ukwenza izinto ezinjalo. Umkhosi wabahedeni! Kwakunini lapho uSanta Claus ake azihlanganisa noJesu na? Kwakunini lapho unogwaja wePhasika noma inkukhu noma... ipendwe ngohlobo oluthile lukayinki noma okuthile, noma uhlobo oluthile lukanogwaja omncane omhlophe wazihlanganisa nokuvuka kukaJesu Kristu na? Aniboni ukuthi kanjani ukuthi izwe lezohwebo...?

118 Yileso sizathu bethengisa lezi zincwadi ezindala zomculo wokuzibinya, nezithombe ezingcolile, nenhlamba, nezinto ezifana nalokho, yingoba imvelo yabantu ilangazelela umbhedo onjalo. Yingenxa yokuthi kunokuthile okungalungile enhliziyweni, abakaze bangene kulokho kuPhumula kanye noNkulunkulu futhi bakhawuke kulezi zinto. Lapho bengena kulokho futhi bamukele uMoya oNgcwele, khona-ke baqediwe nezwe nezinto zezwe.

119 UNkulunkulu wamthumela. O, angikholwa ukuthi wathathwa njengoPawulu, manje, wenyukela emazulwini esithathu wase ebona izinto. Kulungile, uMoya oNgcwele oyigugu awenze emavikini ambalwa edlule, lapha, ake ngibone... Ngamanye amazwi, ngangesaba ukufa, futhi uMoya oNgcwele wangiwelelisa wase ungikhombisa ukuthi kwakuyini. Nibuzwile ubufakazi. Khona-ke lapho ngibuya, “Khona-ke, kufa, luphi udosi lwakho na?” Ngathunyelwa ukuba ngibone lokho nje okwakungaphesheya kwekhetini. Wangivumela ngibuye ukuba ngizonitshela ukuthi ngaphesheya lapho asisizo

izipoki nemimoya, singamadoda nabesifazane, abasha, abangafi neze, abaguli neze, ngaphesheya kweveli nje. Ukufa ngeke kusenza lutho kuwe kunokukudonsela ngqo kuleyoNdawo.

¹²⁰ Manje, uJohane wathunyelwa esuka esiqhingini sasePhatmose, kuMoya, wawelela osukwini lweNkosi. Lolu wusuku lwamadoda, amadoda ayalwa, kodwa usuku lweNkosi luzofika lapho le mibuso izoba imibuso yeNkosi yethu nekaKristu waKhe, khona-ke kuyoba nesikhathi seMinyaka eyinkulungwane esikhulu. Usuku lweNkosi, usuku lokuza kwaKhe, ukwahlulela kwaKhe, lokho kuyoba usuku lweNkosi.

¹²¹ Lolu wusuku lwabantu, yingalesosizathu behamba benisakaza futhi benze lokho abafuna ukukwenza ngani, kodwa kuzobakhona isikhathi... Banibize... abanibiza manje, “abagingqiki abangcwele nezinhlanya” kodwa kuzofika isikhathi, niyabona, ukuthi ngeke bakwenze lokho. Bayodazuluka futhi balile futhi bawe ezinyaweni zenu. IBhayibheli lathi, kuMalaki 4, niyophuma nihambe ngisho emilotheni emva kokuba sebeshe nya; lungabashiyeli impande nagatsha. Yilokho ncamashi iBhayibheli elikushoyo, “Abalungileyo bayakuphuma banyathele phezu kwemilotha yababi.” Kunjalo impela. Ngeke bashiyelwe impande noma igatsha, akukho lutho ukubuyela kulo. Futhi bayoqedwa. Manje lolu wusuku lomuntu (ukwenza komuntu, imisebenzi yomuntu, ibandla lomuntu, imibono yomuntu), kodwa usuku lweNkosi luyeza.

¹²² Manje, wayekuMoya ngosuku lweNkosi. Kulungile, futhi into yokuqala ayizwa ngenkathi ekuMoya ngosuku lweNkosi... Manje sithole ivesi 10:

*...kuMoya ngosuku lweNkosi, wezwa... izwi,
njenge... cilongo,*

¹²³ Ake singadlulisi umzekeliso owodwa, manje. Uma sifanele siwuthathe kusasa, singawuthatha, niyabo. Omunye akaqaphele iwashi elikhulu nje, ukuthi ngingeqwa isikhathi.

¹²⁴ Kulungile, manje, “...ngangukuMoya ngosuku lweNkosi.” Manje khumbulani, into yokuqala ofanele uyenze yini na? Ngena kuMoya. Lezi zambulo zizoke zize kanjani kuwe na? Ngena kuMoya. Uzoke uwuthole kanjani uMoya oNgewele na? Ngena kuMoya. Ngena kuMoya!

¹²⁵ Ngenkathi useyisoni futhi waya emdansweni, wangena kulowo moya. O, he, waqala ukushaya izandla zakho nokushaya izinyawo zakho, nokujuxuza, futhi waqala ukuphonsa isigqoko sakho kwiphansi, futhi uhamba uzungeza futhi uzungeza, uziphathisa okwesilima. Wawukumoya wawo. Ungake ucabange nje umfo, owayengumdansi omubi ngokwedlulele, eya emdansweni, athi, “Awu, futhi nina nonke ninesikhathi esihle kakhulu, ngiyacabanga.”

“O!” bayothi: “Wena ntombi enesinyama, phuma lapha!” Niyabo?

¹²⁶ Aye emdlalweni webhola, othile ashaye ihomerun, noma enye into, ahlale bese eyabuka, bese ethi, “Awu, ngiqagele lokho kuhle impela.” Qha, ubungeke ube umdlali webheysisibholi omubi ngokwedlulele, ubungeke ube owangempela. . . ubungeke ube semoyeni webheysisibholi. Uma umuntu eshaya ihomerun, uyasukuma bese umpompoloza, “Whewu! He! Iwini!” Ushaye isigqoko somuny’umuntu sisuke ekhanda lakhe *kanjalo*, akekho osho izwi ngakho.

¹²⁷ Khona-ke ebandleni uma ungena kuMoya, sukuma futhi umpompoloze, “Udumo! Halleluya! Mayibongwe iNkosi!”

Omuny’umuntu aphenduke, athi, “Umgingqiki oNgcwele.” (O, Mfowethu Wood. . .)

¹²⁸ Ngizokubuza umbuzo. Uma sasingabagingqiki abangcwele ngenxa yokuthi senza lokho, khona-ke bona bangabagingqiki *abangcwele* phandle lapho. Ngingaqoka ukuba umgingqiki ongcwele (Ubungeke wena na?) kunokuba ongengcwele. He! Impela! Abagingqiki abangcwele.

¹²⁹ Manje, wayekuMoya. Wangena kuMoya, khona-ke izinto ziqala ukwenzeka. Futhi kwathi engangena phakathi lapho, wezwa icilongo. Manje, icilongo lihlala limemezela ukusondela kwento ethize. Njengalapho uza. . . I—inkosi iyasondela, bayobetha icilongo. Uma uJesu esondela, Uyobetha icilongo. Kunjalo na? Ngenkathi uJosefa ephuma, babetha icilongo. Futhi manje into ethize iza ngaphambili, uJohane wangena kuMoya wase ezwa icilongo. Wezwa icilongo, wase ephenduka ukuba abheke ukuthi yini eyayingemva kwakhe ngenkathi ezwe icilongo; emva kokuba esengene kuMoya.

¹³⁰ Mhlawumbe wayedansa, egxuma, egijima ndawo zonke esiqhingini. Wayenesikhathi esimnandi, wayekuMoya. Ngakho-ke, futhi yena. . . Lokho kungahle kuzwakale njengokuthuka okungcwele, kodwa angiqondile ngaleyo ndlela, niyabo. Wayengaba njalo! Lokho ngukuthi. . . awu, kungahle ukuba wayenza lokho. Ngikholwa ukuthi wayenesikhathi esihle kuMoya, edumisa nje uNkulunkulu, ngoba yilokho ncamashi okwenzeka lapho uMoya wehlela phezu kwabo endaweni yokuqala. Ngenkathi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, badiyazela njengamadoda nabesifazane abadakiwe, futhi baziphatha njengokungathi babedakiwe, futhi benkwankwaza. Futhi bebiza-. . . qhubeka kanjalo baze abantu bathi, “Lababantu bagcwele iwayini elisha.” Yileyondlela abaziphatha ngayo ekuqaleni, ngakho uMoya uyeza futhi, mhlasi mbe waziphatha ngendlela efanayo. Niyabo? Akukho lutho olusha ngale—lento, lena inkolo *yakudala*. Ya.

¹³¹ “KuMoya ngosuku lweNkosi.” Manje, siyakuzwa. Manje ini na? Manje, wayenzani na? Wedluliswa kulesi siqingi manje,

kuMoya, ngaleya wangena osukwini lweNkosi. Futhi kwathi nje angawela wangena osukwini lweNkosi, wezwa icilongo. Kuyini na? NgOthile esondela. Omkhulu uyasondela. Icilongo liyakhala, Othile uyeza! Wabheka! Haleluya! Icilongo:

Ethi, ngingu-Alfa no-Omega, owokuqala nowokugcina: . . . (hhayi isimemezelo sengxenye yesibili noma yesithathu, kodwa yona kuphela iNgxenye). . . ngi yikho kokubili u-Alfa no-Omega, . . . (“Ngaphambi kokuba Nginibonise noma yini, Ngifuna ukunazisa ukuthi Ngingubani!”)

¹³² Isambulo esikhulu kunazo zonke ngubuNkulunkulu, ubuNkulunkulu obuPhakeme beNkosi yethu uJesu Kristu. Awukwazi ukufinyelela kuqala kwisisekelo kuze kuba ukholwa yilokho, phuma. . . Yilokho uPetru akushoyo, “Phendukani, bese-ke nibona ubuNkulunkulu. Nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi khona-ke nilungele ukungena kuMoya.” Into yokuqala ofanele uyazi ubuNkulunkulu bukaKristu. “Ngingu-Alfa no-Omega! Ngisuka ku-A ngiye ku-Z, akekho omunye ngaphandle kwaMi. Ngangikhona ekuqaleni, Ngizoba khona ekupheleni. NginguYe owayekhona, okhona, nozakuza, uMninimandla onke.” Kucabange! Yilokho okwashiwo yicilongo.

¹³³ Qaphela Johane! Ungene kuMoya, kukhona okuzokwambulwa kuwe. Kuyini na? Ukukhala kwecilongo, into yokuqala, “Ngingu-Alfa no-Omega.” Owokuqala kuzo zonke izambulo. (O, soni, kothama, phenduka manje ngaphambi kokuthi isikhathi sibe leyithi kakhulu.) “Ngingu-Alfa no-Omega.” Lokho yinto yokuqala Amazisa yona, Wayengubani. (Ngubani lo osondelayo na? Ngabe le iNkosi uJesu na? INkosi uNkulunkulu na? INkosi uMoya oNgewele na?) Wathi, “NgiyiKho konke! Ngisuka ku-A ngiye ku-Z. Ngiyisiqalo nesiphelo. Ngiyilowo Ongafi, OPhakade!”

¹³⁴ Kamuvanyana nje siMbheka ekubeni ngumuntu kwaKhe okukasikhombisa, sibheke lokho Ayikho khona-ke. “Ngiyisiqalo nesiphelo. Ngingu-Alfa no-Omega, owokuqala nowokugcina. Ngangikhona ngaphambi kokuqala; futhi emva kokuba kungasekho okokugcina, Ngiyobe ngisekhona,” ngamanye amazwi. “Owokuqala nowokugcina!”

. . . futhi, Lokhu okubonayo, kulobe encwadini, ukuthumele. . . kuwo amabandla ayisikhombisa ase-Asiya; e-Efesu, . . . eSmirna, . . . ePhergamu, . . . eThiyathira, . . . eSardesi, . . . eFiladelfiya, naseLawodikeya.

¹³⁵ Kulungile, isambulo sokuqala kunazo zonke ngubuNkulunkulu obuPhakeme bukaJesu Kristu. Ufanele wazi ukuthi Ungubani lapho uzwa iPhimbo. Kulungile, iPhimbo elifanayo elazwakala eNtabeni iSinayi, iPhimbo elifanayo

elazwakala eNtabeni yokuGuqulwa isimo, Lona elifanayo, “Ofana neNdodana yomuntu.”

136 Manje bhekisisani kuleli vesi elilandelayo. Kulungile:

Ngase ngiphenduka . . . (Isahluko 12 manje.)

137 Sizoshiya lamabandla okomzuzu nje, ngoba lonke leli viki elizayo siza kulamabandla. Niyabo, ngakho-ke sizokwedlula nje lokho.

138 Kepha Wathi, “Lezi . . . Ngizokuqondisa ukuba uthumele lo Myalezo eNgikutshengisa wona.” Ngubani na? “Ngingowokuqala nowokugcina. Ngiyilowo OPhakeme. NgiyiLowo onguMninimandla onke. Futhi Ngize ukuzokutshela ukuthi Ngikunikeza uMyalezo kuwo amabandla ayisikhombisa. Ngifuna uSilobe, uSilungiselele.” Niyabo? “Namabandla ayisikhombisa ase-Asiya.” Manje-ke, kwakukhona amabandla lapho khona-ke enemvelo kuwo eyayimele leminyaka yamabandla ezayo.

139 Manje:

Ngase ngiphenduka ukuba ngibone izwi ebelikhuluma kimi. Kuthe ngiphenduka, ngabona izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide;

140 “Izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide.” Manje, yi . . . Ithumusho leKing James, okungenzeka ukuthi ninalo phakathi kokuthi iScofield noma—noma mhlawumbe iThompson Chain, noma amanye awo, akulungile lapho. Akusho ukuthi izinti zezibani, kuthi iziphatho zesibani; izitsha zezibani, ngiyakholwa, ngeliyilo, igama elilungile elishiwo ehumushweni lasekuqaleni. Niyabo, ngamanye amazwi, lezi zinti zezibani eziyisikhombisa zegolide zazingamabandla ayisikhombisa. Uyasho kamuvanyana e, i se- . . . evesini 20 lapha, “Izinti zezibani eziyisikhombisa ozibonile zingamabandla ayisikhombisa.” Ngakho-ke, niyabo, ukuba kwakuyisibani, masinyane sasiyobe sesisetshenziswe futhi savutha saphela, esikhashananeni nje. Kodwa akusizo izibani, yi—isitsha sesibani. Silinika njengesitsha sesibani. “Sengiphendukile ngabona Ofana neNdodana yomuntu emi phakathi kwe . . . maphakathi kwezitsha zezibani eziyisikhombisa.”

141 Manje—manje bukani. Isibani masinyane besiyosheshe sivuthe siphele, besiyocima, bekungayikuba nalutho kuso, emahoreni ambalwa besiyobe sesilothile. Kodwa isitsha sesibani, isitsha sesibani sikanje, . . .

142 Lapha, ake si—ake sithole umBhalo lapha, ake—ake sitholele uZakariya 4:1, khona-ke singakwazi mhlawumbe sithole kuZakariya lapho lokho esikufunayo. UZakariya 4:1, futhi ngiyakholelwa-ke mhlawumbe kulokhu sizokwazi uku—ukuhlanganisa ndawonye lokho esikufunayo. Angimtholi uZakariya kuZefaniya, ngingakwazi na? Kulungile. Kulungile.

IBhayibheli lami elidala selithi aluguge nya. UZakariya 4:1, lalelisisani manje, niyasithola isithombe esihle lapha:

Futhi ingelosi . . .

¹⁴³ Umprofethi, manje, iminyaka engamakhulu amahlanu neshumi nesishiyagalolunye ngaphambi kukaKristu:

Ingelosi eyayikhuluma nami yabuya, yangivusa, njengomuntu evuswa ebuthongweni bakhe, (Manje umprofethi usembonweni.)

Futhi yathi kimi, Ubonani na? Ngathi, ngibona, bheka uthi lwesibani . . . (Manje, lelo igama elifanayo elihunyushwe ngokuthi isitsha sesibani.) . . . yigolide lonke, lunembizana yalo phezu . . . phezu kwalo, (Leso kwakuyisibani.) . . . nezibani zalo eziyisikhombisa phezu kwalo, nemibhobho eyisikhombisa nezibani eziyisikhombisa, eziphezu kwalo: (Niyabo, iminyaka yebandla efanayo ikhuphuka. Niyabo?)

Neminqumo emibili eseceleni kwalo, . . . (Manje, hlobo luni lwe . . . Babokhela ini kulezo zibani esikhathini seBhayibheli na? Ngabe ukhona owaziyo na? Amafutha. Hlobo luni lwamafutha na? Amafutha omnqumo.) . . . iminqumo emibili . . . (Yini na? ITestamente eLisha neliDala; yomibili ime ngayo.) . . . omunye ungakwesokunene sembizana, nomunye ungakwesokhohlo sayo.

Futhi ngathatha ngasho kuyo ingelosi eyayikhuluma nami, ngathi, Ziyini lezi, nkosi?

Futhi ingelosi eyayikhuluma nami yaphendula yathi kimi, Awazi yini ukuthi ziyini lezi—lezi? Ngathi, Qha, nkosi yami.

Yayisithatha isho kimi, ithi, Lokhu kuyizwi leNkosi kuZerubhabhele, ithi, Kungabi ngamandla, kungabi ngempi, kepha kube ngomoya wami, isho iNkosi yamabandla. (Izobuyisa iJerusalema.)

¹⁴⁴ Manje, siyini isibani na? Yisitsha sesibani. Futhi qaphelani ukuthi kuhle kanjani. Lapha, lapho ephenduka, wabona lona Ofana neNdodana yomuntu lapha emi phakathi kwezitsha zezibani eziyisikhombisa zegolide, okusho iminyaka yabandla eyisikhombisa ezakuza. Futhi umbhobho ngamunye, noma—noma isitsha sesibani, sihukelwe phakathi esitsheni sokuthunqisela samafutha esikhulu kakhulu. Futhi kulamafutha kuvela kukhuphukele esibanini esime ngokuyinqaba kancane esibekwe nentambo yesibani kuso nentambo yesibani ilengela phansi ingene emafutheni. Futhi inqobo nje . . . Babethululela amafutha phakathi esiqongweni sesitsha, esasigcwalisa isiqu esikhulu kakhulu, negatsha elikhulu, futhi agijima aphumele eziqwini, kanje. Futhi isibani

sinentambo yesibani ilengela phansi, lo—lombhobho ungena e...silokhu sivutha, ubusuku nemini. Awuzange udingeke ukusikhanyisa, asikaze sicime; babeqhubeka nokuthululela amafutha embhobhweni oyinhloko. Futhi lezi zitsha zezibani eziphuma njengalesi, zazinezibani zibekwe phezu kwazo. Intambo yelambu isuka esibanini igijime yehle ingene lapha, ithola ukuphila kwayo lapha. O, kwehluke kanjani esibanini. Kwehluke kanjani! Isitsha sesibani, futhi sidonsa amafutha.

¹⁴⁵ Manje, lezi zitsha zezibani, umlilo owawukulezi zitsha zezibani eTestamenteni eliDala. Ngenkathi bokhele isibani esisodwa, babengokhele isibani esilandelayo ngomlilo ofanayo ababenawo esandleni sabo. Babokhela isibani esisodwa, bese besiphakamise bese bokhela esinye isibani, bese besibeka phansi. Futhi bokhela lesi sibani, base-ke bethatha futhi bokhela lesi sibani ngomlilo ofanayo abawuqala ekuqaleni. O, ngithemba ukuthi akuneqi emakhanda. “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade,” umlilo ofanayo (uMoya oNgwele) wokhela onke alawo mabandla ezansi ngqo kuyo yonke iminyaka.

¹⁴⁶ Akashongo yini uJesu kuJohane oNgwele 15, “Mina ngingumvini, nina ningamagatsha”? Manje, UnguMvini omkhulu kakhulu, thina singamagatsha. Manje, umvini awutheli izithelo... .

¹⁴⁷ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...ukuthi ungathatha isihlahla sezithelo ezifana namawolintshi, njengowolintshi, futhi ungasusa—i—igatsha kuso, awu, ngingathi, isihlahla sikaphaphamuzi, bese uhlukanisa indawo encane esihlahleni samawolintshi bese ufake lowo phaphamuzi kuso, uzokhula. Uza ngapha futhi uthathe igatsha likalamula bese ulifake esihlahleni samawolintshi, uzokhula. Noma thatha iphomegranathi, futhi ulithathe. Noma yisiphi isithelo sesihlahla sezithelo ezifana namawolintshi, ithanjerini noma ithanjelo, noma yisiphi salezo zithelo sezihlahla sezithelo ezifana namawolintshi, futhi izifake kulesi sihlahla, futhi sizokhula ngempilo yaleso sihlahla samawolintshi; kodwa angeke sithete amawolintshi. Sizothela ophaphamuzi, sizothela amathanjelo, sizothela olamula, kodwa sikhula ngokuphila komvini wangempela, kodwa uma lowo mvini uke wahluma omunye umvini...elinye igatsha, liyoba owokuphila okufanayo okuwo, lizothela iwolintshi. Ngoba, ekuqaleni, empandeni yawo kungukuphila kwesihlahla sewolintshi, kepha amanye angaphila ngaso inqobo nje uma siyimvelo yesihlahla sezithelo ezifana namawolintshi. Kepha ngeke sithete isithelo sasekuqaleni, ngoba asisiso esasekuqaleni.

¹⁴⁸ Yileyondelela ibandla elingayo. Bahlukanise uMvini base befakela iPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, kanjalonjalo. Uthela isithelo seBaptisti, isithelo sePresbyterian, isithelo seMethodisti, kepha uma kuke...leso sihlahla sike saveza omunye umvini, uyoba wuhlobo olufanayo lomvini Owawuletha

ngoSuku lwePhentekoste: uMvini wasekuqaleni! Uyokhuluma ngezilimi futhi ube namandla nezibonakaliso zikaKristu ovusiwe kuwo. Ngani na? Ngoba ukuhluma ngomthombo wemvelo otshalwe kuwo. Empeleni, awutshalwanga kuwo, uzalelwa kuwo! Mayibongwe iNkosi! O, he! Angizange ngicabange ngalokho ngaleyonkathi-ke.

¹⁴⁹ Niyabo, lena eminye ifakelwe; bayifakela esihlahleni, ngakho ithela uhlobo lwayo lwesithelo. Abakwazi ukuthatha *Lona*. Abakholelwa *kuLowo*, ngoba abakaze bazi lutho ngaWo. Kodwa uma izalelwe kulolohlobo olufanayo lokuPhila okuphuma kuleso sihlahla, yilokho kuphela engakuthela, ngukuPhila kwesiqu sasekuqaleni.

¹⁵⁰ Lezi zibani zonke zingena khaxa esitsheni esisodwa esikhulu kakhulu, isibambi esisodwa esikhulu kakhulu, neziyisishiyagalolunye ezehlukahlukene...noma izibambi zezibani eziyisikhombisa ezehlukahlukene eziphuma kuso. Futhi lapho sebekwenzile, ngasinye salezo zibani zazidonsa emthonjeni omkhulu wokuphila kwaso. Futhi ukukhanya kwaso kwakunesibani sicwiliswe phansi kulomphongolo omkhulu. O, isithombe esihle kanje pho senye yalezo zinkanyezi eziyisikhombisa (kwakumele lokho) nokuphila kuvutha ngoMoya oNgcwele lapha. Futhi ku...Ngokukholwa uvuthiswa nguMoya oNgcwele, futhi impilo yakhe iyisibani, noma akusiso isibani, kepha intambo yesibani ecwiliswe yangena kuMoya oNgcwele (yangena kuKristu), futhi ngaleyo ntambo yesibani udonsela ngaphandle ukuPhila kukaNkulunkulu ukunikeza ukuKhanya ebandleni lakhe. O, isithombe esinje pho sekholwa lekiniso! Unikeza hlobo luni lokuKhanya na? Uhlobo olufanayo lokuKhanya olwalukhona ngenkathi isibani sokuqala sokhelwa.

¹⁵¹ Ngenkathi unyaka webandla wokuqala uqala, kwakuyi Efesu. UPawulu, ingelosi yalelo bandla, enye yezinkanyezi. Kukhona izinkanyezi eziyisikhombisa okusho izingelosi eziyisikhombisa, “izithunywa” eziyisikhombisa. Kuleliviki ngingathatha umBhalo nomlando futhi ngifakazise kini ngazinye zalezo zithembekile engelosini ngayinye, futhi yonke ingelosi yayinokuKhanya okufanayo. Kunjalo. Bese kuthi-ke phakathi ngqo kwale minyaka, yiLowo omkhulu ozayo.

¹⁵² Qaphelani, manje zidonsa kulomphongolo wamaFutha omkhulu, ukuKhanya...ukuphila kucwiliswe kuKristu. Wena ufile, futhi ukuphila kwakho kufihlwe kuKristu ngo... noma kufihlwe kuNkulunkulu ngoKristu, futhi kwabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele. Akukho ndlela nhlobo ukuba ike ikususe wena lapho. Ungakwenza kanjani na? Akekho ongakuphazamisa. Ukuphela kokuphila kwakho kuvutha ngoMoya oNgcwele; o, uvutha, unikeza ukuKhanya. Licwiliswe kuphi elinye ichopho lokuphila kwakho na? KuKristu. Wena ufile futhi ufihlwe kuKristu, uMoya oNgcwele, ukuvimbela lapho lapho ongakwazi...udeveli akakwazi ukukuthinta.

Amen! Angathathela ngesivinini futhi abange umsindo. Ngisho nokufa qobo lwakho ngeke kukuthinte, “O kufa, luphi udosi lwakho na? Kuphi ukunqoba kwakho na? Makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.”

153 Ukuphela kwaleli vesi, ake silifunde:

...Kuthe ngiphenduka, ngabona izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide;

Nofana...iNdodana yomuntu...ephakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa ezisagolide,...

154 He! Niqaphelile na? Izinkanyezi, izinti zezibani, izibani. Kusho ukuthini na? Kusho ukuthini lokhu na? Ukuthi isimiselo sesikhathi esiphila kuso yisikhathi sasebusuku, izibani namalambu nezinkanyezi kusho ubusuku. Futhi yenzani inkanyezi na? Ibonakalisa ukukhanya kwelanga kuze kubuye ilanga. Malibongwe iGama leNkosi! Futhi umfundisi kaNkulunkulu wangempela akabonisi ukubanika okuthize nje, isiqu sikamentshiso esithile, ikhoba elithile elivuthayo; ubonakalisa imisebe esagolide kaKristu eBandleni, ukuthi “Usenguye, futhi Uyaphila, futhi Ukhanya kimi.” Amen! Yilokho kuKhanya akubonisayo. Inkanyezi ibonisa ukukhanya kwelanga, niyabo, ngakho sibonakalisa ukuKhanya kweNdodana kaNkulunkulu. Senza into efanayo Ayenza, enikeza ukuKhanya. Hlobo luni lokukhanya na? Ukukhanya kweVangeli kulabo.

155 Manje ake siMbhekisise kaphambidlana nje, sisathatha lonke laleli vesi le 13:

Nofana...iNdodana yomuntu ephakathi (lokho yimaphakathi) kwezinti zezibani eziyisikhombisa ezisagolide, embethe ingubo ekhawula ezinyaweni, futhi ezibophe ngebhande legolide ezibeleni.

156 Manje nabu ubufakazi obengeziwe bokuthi le mfundiso iqinisile ngakho kulusuku lweNkosi. NiMqaphelile na? Wayengeyena umpristi ngalesi sikhathi, kanjalo Wayengesiyo inkosi, Wayengumahluleli. Qaphelani, umpristi, umpristi omkhulu, ngenkathi engena endaweni engcwele noma wangena ekukhonziseni, enkonzweni, wazibopha okhalweni. Ukubopha ibhande lakhe okhalweni, kwakusho ukuthi wayekhonzaz; akakaze alibophe emahlombe akhe. Kepha nangu Ephuma, ephuma nebhande liboshwe ngaphezulu, enebhande lendwangu elilula ehloambe laKhe; ezibophe ngasezibeleni, isifuba, ngebhande legolide, ezibophe phezulu kakhulu. Kuyini na? Ummeli, umahluleli. Umahluleli nebhande lwendwangu elilula ehloambe lakhe, ezibophe phezulu lapha, hhayi phansi njengompristi. Niyabo, lokho kukhombisa ukuthi Wayengasekho ebupristini baKhe manje, uJohane wahamba indlela yonke wawela wangena osukwini lweNkosi futhi waYibona iza njengomahluleli.

157 Niyakholwa ukuthi Ungumahluleli na? Masifunde uJohane oNgcwele 5:22, masinyane impela, sizobona ukuthi Ungumahluleli noma qhabo. UJohane oNgcwele 5:22:

Ngokuba uYise akahluleli muntu, ukunike iNdodana konke ukwahlulela.

158 Ngabe kunjalo na? Ungumahluleli, uMahluleli oMkhulu. Futhi uJohane ukhombisa ukuthi Wayengekho osukwini lwesiprofetho saKhe, njengomprofethi, kunjalo Akaphumi athi ngqu angene ezinsukwini zobukhosi baKhe, kodwa Wayesosukwini lweNkosi njengoMahluleli. Manje, bangaki owaziyo ukuthi umpristi enebhande lakhe, intambo yakhe emgqeni wokhalo lwakhe kwakusho ukuthi wayesemsebenzini na? Noma ngubani ofunda amaTestamente, owazi iTestamente eliDala, uyakwazi lokho. Lapho umpristi efake ibhande ngapha, usemsebenzini, uyinceku. Kodwa Wayebophe ibhande phezulu lapha, umahluleli.

159 Masifunde phambidlana:

. . . bhande legolide . . . lali . . . ngasezibeleni . . .

160 Kunjalo, phezulu ngalapha, WayenguMahluleli.

Manje sizofunda inkazimulo ekasikhombisa yokuba nguMuntu kwaKhe. O, he! Lokhu kungenza ngimemeze ngingakafiki kukho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Qaphelani! O, lena yinto emangalisa kakhulu. Lalelani nje:

Nekhanda laKhe . . .

161 Manje bhekisisani, Uyizinto eziyisikhombisa, lapha ubalula: Ikhanda laKhe, izinwele zaKhe, amehlo aKhe, izinyawo zaKhe, iphimbo laKhe, . . . Izinto eziyisikhombisa Azibalula lapha, inkazimulo ekasikhombisa kaJesu Kristu. Ake ngiWufunde:

Ikhanda lakhe nonwele zakhe kwakumhlophe njengoboya bezimvu, njengeqhwa; . . . amehlo akhe e . . . i amalangabi omlilo;

. . . izinyawo zakhe zifana . . . ithubi elikhazimulayo, sengathi bezishiswe esithandweni; nezwi lakhe . . . inhloko yamanzi amaningi.

Futhi e . . . Futhi wayepethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene: nasemlonyeni wakhe kuphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili: nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo.

162 Umbono onje pho! Yini ayibona lapha na? INdodana kaNkulunkulu ekhazimulisiwe, nesibonakaliso. Manje, ake—ake nje silungele manje.

163 O, he, bengicabanga ukuthi lowo bekuyisishiyagalolunye, yisishiyagalombili kuphela. Angikaqali namanje. Kulungile. Lokho kuhle. Manje, uxolo laba bafowethu abamile, banga

ngibe nokwethuka ukubabona bema, niyabona, ngoba ngiyazi ukuthi imilenze yabo ibuhlungu. Ukube benginenye indlela nje bazalwane, yanoma yini ebengingayenza, bengingaqinisekisa ukukwenza. Manje, ngifuna nithole lokhu kabi kabi. Futhi yimani isikhashanyana futhi uNkulunkulu ezonivuzza ngokucebile, ngumkhuleko wami.

164 Manje—manje qaphelani, into yokuqala, manje siyaqaphela, ikhanda laKhe nezinwele zaKhe kwakumhlophe njengoboya bezimvu. Ikhanda laKhe nezinwele zaKhe kwakumhlophe njengoboya bezimvu. Manje, akusho ukuthi Wayesegugile, ukuthi kwenza lokhu. Lokho kwakungesiso isizathu sakho. Wayengagugile ukwenza lokhu. Waye...Kwakungenxa yesipiliyoni saKhe nokufaneleka kanye nokuhlakanipha kwaKhe. Ngoba UPhakade, futhi iPhakade angeke laguga. Niyaqonda na?

165 Ake siphenye kuqala, futhi sizo—sizokwenza isithombe saKhe phandle lapha njengoba lokhu, futhi sizothola ukuthi Uyini. Manje, ake siphenye kuDaniyeli 7:9, okomzuzu nje, nibona isithombe esifanayo kuDaniyeli lapho Eza khona njenge...ngapha esikhathini saseNdulo. Futhi kaningi wonk'umuntu, isazi seBhayibheli, sazi ncamashi ukuthi siqonde kuphi khona manje. UDaniyeli 7, nevesi 9; ngizoqala kwele 8:

Futhi ngabuka uphondo, futhi, bheka, kwavela... olunye uphondo oluncane, okungaphambi—okungaphambi kwalo ezintathu zezimpondo zokuqala zasimbulwa: futhi, bheka, kulolu phondo kwakukhona amehlo anjenga...umuntu, nomlomo okhuluma izinto ezinkulu.

Futhi ngisabheka kwaze kwabekwa izihlalo zobukhosi,...

166 Manje lalelani. Lalelisisani, manje. Niyangizwa ngemuva kulungile na? Thanini “Amen,” uma ningizwa. Ngibuze umkami emuva lapho. Ngicabanga ukuthi lemikhrofoni lapha i... ikhala kakhulu lapha, ayinjalo na? Manje, ngiklabalasa kakhulu kakhulu, ngiyacabanga, kulena.

167 Kulungile, manje uDaniyeli 7:9:

Futhi ngisabheka kwaze kwabekwa izihlalo zobukhosi, kwahlala oMdala wezinsuku, izambatho zakhe zazimhlophe njengeqhwa, unwele lekhandla lakhe lwalunjengo...boya bezimvu obuhlanzekileyo: (Izinsuku zasemandulo)...isihlalo sakhe sobukhosi sasingamalangabi omlilo, amasondo akhe ayengumlilo ovuthayo.

Futhi umnonjana—umnonjana wemililo wavela waphuma phambi kwakhe: nezinkulungwane zezinkulungwane zazimkhonza, neshumi...

zezinkulungwane eziyishumi zazimi ngaphambi kwakhe: futhi kwahlala abahluleli, izincwadi zavulwa.

168 “Izinwele ezimhlophe!” Bonke . . . noma ubani uyazi ukuthi abahluleli bakudala ezinsukwini zasendulo. Njengabahluleli abamaNgisi bayevame ukugqoka izinwele ezimhlophe njengeqhwa. Bangaki abakukhumbulayo lokho na? Abahluleli bakudala basendulo babegqoka izinwele ezimhlophe ngoba babe . . . Futhi Nangu, ekhombisa futhi ukuthi uJohane ungaleya osukwini lweNkosi, wambona njengomahluleli. Amen! Hhayi njengompristi, hhayi njengenkosi, hhayi njengomprofethi, kodwa njengomahluleli. UYise (NguJohane oNgcwele 5:22) wanikela konke ukwahlulela kuYe. Futhi Ungumahluleli manje, uza ukuzokwahlulela izizwe. O ngalolosuku lapho uMbona kanjalo! Izinwele zaKhe zazimhlophe njengeqhwa, uDanilyeli waMbona eza koMdala wezinsuku. Mbhekisiseni ehlanganisa lezi zombili ndawonye. Kulungile:

. . . futhi kwahlala abahluleli, izincwadi zavulwa.

Futhi ngabheka ngaleso sikhathi ngenxa . . . Futhi ngabheka ngaleso sikhathi ngenxa yenhlokomo yamazwi amakhulu—amakhulu uphondo . . . (Qhabo nginendawo okungesiyo, angibanga njalo na?)

169 UDanilyeli 7:9, ya, nakhu la sikhona:

. . . namasondo akhe . . .

Futhi umnonjana womlilo wavela weza . . . wela . . . yena: nezinkulungwane zamashumi zeza zazimkhonza, . . .

Futhi ngabheka ngaleso sikhathi ngenxa yenhlokomo yamazwi amakhulu akhulunywa luphondo: ngabheka ngisho saze sahlathswa isilo, wachithwa umzimba waso, nangikelwa ukuba—ba sishiswe ngemililo. (Hhe!)

Kepha ezinye izilo, ukubusa kwazo zonke kwasuswa: (lokho yiwo onke amandla abeZizwe nemibuso ezowa) kodwa ukuphila kwazo kwelulwa isikhathi nenkathi.

Futhi ngabona embonweni ebusuku, futhi, bheka, kufika . . . amafu ezulu onjengeNdodana yomuntu, . . . (SiMbone eza kanjani kulokhukusa, evesini 3 na? Eza ngamafu ezulu, iNdodana yomuntu.) . . . kufika namafu ezulu onjengayo iNdodana yomuntu, yafika koMdala wezinsuku, yasondezwa eduze phambi kwakhe.

Futhi yanikwa ukubusa, nobukhosi, nombuso, futhi ukuze bonke abantu, nezizwe, . . . izilwimi, bayikhonze: lokhu kubusa kungukubusa okuphakade, okungayikudlula, nombuso wayo uyaku . . . umbuso wayo yiwo ongayikuchithwa.

170 Wozani koMdala wezinsuku ozinwele zakhe zazimhlophe njengoboya bezimvu. NoJohane waphenduka futhi wabona

ofana neNdodana yomuntu emi phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, enezinwele ezimhlophe njengeqhwa, uMahluleli! Engazibophile ngebhande okhalweni, kodwa ezibophe ngebhande ngasezibeleni, phezulu lapha, umahluleli! Enebhande lwendwangu elilula lomahluleli ehlombe laKhe, Wema nelegolide, elihlanzekile, elingwele, elicwengekile, ibhande elalibambe ukulunga kwaKhe. Isembozo sakhe! Wayembozwe yonke indawo kuze kuyofika ezinyaweni. Bhekisani ukubonakaliswa okukasikhombisa kokuba ngumuntu kwaKhe nenkazimulo.

¹⁷¹ Manje, ngiyakholwa, ivesi 14:

Unwele *lwakhe*... *Ikhanda lakhe nonwele zakhe kwakumhlophe njengoboya bezimvu, njengeqhwa; namehlo akhe e... i amalangabi omlilo;*

¹⁷² Ikhanda, izinwele; “amehlo ayenjengamalangabi omlilo.” Cabangani ngakho nje! Lawo mehlo ake afiphaliswa yizinyembezi zomuntu, manje asebe ngamalangabi omlilo. Ngentukuthelo Umi lapho njengomahluleli othukuthele. Kungani naMala na? O, soni, cabanga ngalokhu! Cabanga ngakho, lungu lebandla elisivivi! Cabanga ngakho, Katolika, Baptisti, Presbyterian, Pentecostal! Cabanga ngakho, Katolika! Intombi yenu uMariya yadingeka ikhuphukele epentekoste futhi yamukele uMoya oNgcwele, futhi idiyazela futhi iziphathise okowesifazane odakiwe. Yena kanye unina kaKristu wadingeka athole lokho ngaphambi kokuba avunyelwe ukuya eZulwini. Nizofinyelela kanjani nina bantu besifazane noma yini engaphansi kwalokho na? Cabangani ngakho, madoda, ngamunye wenu!

¹⁷³ Izinwele zaKhe, namehlo akhe ake afiphaliswa yizinyembezi zomuntu, nokho ngifuna niqaphele okuthile ngalawo mehlo. Ngenkathi Wayesesemhlabeni, ayefiphaliswe yizinyembezi njengomuntu, ngoba Wakhala ethuneni likaLazaru. Kunjalo! Zigcwele uzwelo; ubuntu baKhe. Wayembethe, WayenguNkulunkulu embethe ubuntu, ukuze asuse isono. Kodwa nokho ngemuva kwalobo buntu, Wayenokuthile ngemva kwaKhe okwakungabuka phansi ngqo enhliziyweni yomuntu futhi azi konke ngaye. Ngani na? Kwakunokuthile ngemuva kwaKhe, nokho Wayembethe umzimba ofayo.

¹⁷⁴ Kepha babengazi ukuthi kwakungubani. “Uma ungakholwa,” Wathi, “ukuthi NginguYe, uzofela ezonweni zakho.” Kunjalo. “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikhholwa; kepha uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke kholwani imisebenzi uma ningeNgikhholwe.” O, Wazama kanjani ukuyisa uMlayezo kubo, isambulo. Wayengabuka phansi ngqo enhliziyweni yomuntu, azi konke ngaye. Ngicabanga kanjani ngalokho: Lawo mehlo ake ahlwatshwa phezu kwezintaba, abheka ebusweni bohlupekayo,

futhi ayekhala njengomuntu, kodwa nokho ayengathatha uMoya kaNkulunkulu ngemuva kwalowo mbono womuntu lapho futhi abone zonke izinto; izinto ezazikhona, lezo zinto ezazikhona—zazikhona, nezinto ezazizokuza. Abikezela ukuphela kusukela ekuqaleni, lokho yingenxa yokuthi uNkulunkulu wayengemva kwalawo mehlo omuntu. Vumela uNkulunkulu angene empilweni yakho bese ekulawula, futhi Uzokukhombisa izinto ezizayo. Ngoba akusesiwe, nguMoya oNgcwele empilweni yakho emuva lapho ubuka ngalawo mehlo afayo ukukhipha izinto.

¹⁷⁵ O, udumo kuNkulunkulu! “Ngizothulula uMoya waMi phezu kwayo yonke imyama, futhi amadodana namadodakazi enu ayakuprofetha, abasha benu bayakubona imibono, abadala benu baphuphe amaphupho.” Haleluya! Ngezinye izikhathi Udingeka akulalise ukuze Akwazi ukubuka ngawe, kodwa ngokuqinisekile Uzokukhombisa izikhathi eziningi. “Abasha benu bayakubona imibono, abadala benu baphuphe amaphupho; phezu kwencekukazi nezinceku eziyizisebenzi zaMi Ngizothulula uMoya waMi.” Hhayi, “Phezu kwabadikoni nabelusi baMi, naphezu kokwaMi. . .” “Phezu kwanoma ubani othandayo, phezu kwayo yonke inyama, Ngiyothululela uMoya waMi.” Niyamangala ukuthi kungani ngimemeza kakhulu lokho, kodwa kungena kuleminyaka yebandla.

¹⁷⁶ O, nakho lapho Wayekhona, lawo mehlo. Futhi, khumbulani, ngolunye usuku, lawo mehlo ayefiphaliswe izinyembezi, lawo mehlo azokuma ekwahlulelweni. Manje anjengamalangabi omlilo egijimela emuva naphambili kuwo wonke umhlaba, futhi akukho okwenzekayo ngaphandle kwalokho Akwaziyo. O, he, kuqoshiwe. Egijima emuva naphambili kuwo wonke umhlaba ebhekisisa wonke umnyakazo, ebona yonke imicabango, azi konke okwenzayo, izizindlo zenhliziyu, lokho ohlose ukukwenza. Wazi konke ngakho. Uyazi noma ngabe uyaMthanda yini. Uyazi noma ngabe izinhloso zakho zilungile yini, ukuMkhonza. Wazi konke ngakho. Futhi kuzoba yini lapho uma ngalolo suku lapho sonke isono siqunu phambi kwaKhe, futhi Uma lapho eSihlalweni sobukhosi esiMhlophe sokwaHlulela na?

¹⁷⁷ Nkulunkulu, ngikhulule kuleyondawo! Angifuni ukubona lokho. Lapho uNkulunkulu othukuthele ephuma lapho enomlilo ubanika emehlweni aKhe, enokulunga, izinwele ezimhlophe zokufakelwa phezu kwekhanda laKhe kanjalo, namehlo aKhe ebanika umlilo owazi yonke imicabango yenhliziyu yakho, nakho konke owake wahlosa ukukwenza. Ngifihle ngale eDwaleni lemiNyaka ngivulekele! Umfo omdala wayevame ukucula, “Lapho wonke lomhlaba usha, yima ngakimi. Yima ngakimi, futhi vumela isifuba saKho sibe umcamelo wami. Ngifihle ngale eDwaleni lemiNyaka.” Nkulunkulu, angikufuni ukwahlulela kwaKho. Angifuni okwaKho. . .Engikufunayo umusa waKho, Nkosi. Ngiphe umusa waKho, hhayi ubulungiswa baKho. Ngiphe nje umusa waKho. Hhayi imithetho yaKho,

hhayi noma yini...Ngiphe nje umusa, Nkosi, yilokho kuphela engingakuncenga. Angilethi lutho ezingalweni zami (angilungile, akukho kubalelwa), ngibambelela kuphela kalula esiphambanweni saKho. Nkosi, yilokho kuphela engikwaziyo: Oyedwa weza ukuzothatha indawo yami.

¹⁷⁸ Bhekisisani ubuntu baKhe obukasikhombisa manje bobuntu baKhe, futhi nizobona ukuthi yilokho Akwenza.

Ikhanda lakhe...kwakumhlophe njengeqhwa; njengoboya bezimvu, unwele olumhlophe; namehlo akhe enjenge... (ake sibone)...Ikhanda lakhe... lalimhlophe njenge... iqhwa; namehlo akhe enjenge... amalangabi omlilo;

Nezinyawo zakhe zazifana... ithusi elikhazimulayo, sengathi zazishiswe esithandweni;

¹⁷⁹ Bhekisisani manje. Sisanda kuqaphela lapho Ezimboze khona, niyazi. Manje bhekisisani. Ikhanda laKhe, amehlo aKhe, manje Wehlela ezinyaweni zaKhe njengethushi. Bhekisisani ukwahlukana kuleso sithombe lapho uJohane asibona sikaJesu, naleso uDaniyeli asibona sombuso wezwe, ikhanda legolide nokunye nokunye.

¹⁸⁰ Bhekani lokho lesi ebesilapha, kumi lapho, ithusi. Likhuluma ngani ithusi na? Ithusi likhuluma ngesahlulelo, ukwahlulela kukaNkulunkulu. Kuyakhombisa ukuthi inhloso yaKhe egcwele iyeza lapha emhlabeni njengoNkulunkulu, ukuba enziwe inyama, futhi Wasifela futhi wathatha izahlulelo zikaNkulunkulu, ukwahlulela kukaNkulunkulu, futhi wemukele uMbuso oyithusi, futhi oqinile, futhi awunakunyakaziswa. Akukho lutho olunzima kunethusi, futhi akukaze kutholakale lutho olungaliphazamisa.

¹⁸¹ Ukwahlulela! Ithusi likhuluma ngokwahlulela kukaNkulunkulu kwedlulisiwe. Bhekani inyoka yethusi ehlane. Yayimeleni leyo nyoka yethusi na? Inyoka yayimele isono; kodwa, ngokuba yithusi, ukwahlulela osekuvele kusedlulisile isono.

¹⁸² Manje, qaphelani futhi izinsuku zika-Elija, lapho babenqabe u-Eliya njengomprofethi, lowomucu omncane, unyaka webandla lasendulo. Ngolunye lwalezi zinsuku ngizoveza futhi nginikhombise ukuthi u-Israyeli wayeneminyaka yebandla eyisikhombisa, naye, futhi ifanekiswa ncamashi nalena. Futhi onyakeni wabo webandla, ezinsukwini zika-Elija, bamenqaba futhi kuneminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha kwakungekho mvula. Futhi umprofethi wasendulo washo ukuthi "izibhakabhaka zazibukeka njengethushi," ukwahlulela kukaNkulunkulu phezu kwezizwe ngenxa yokwenqaba uNkulunkulu nokulalela uJezebeli.

¹⁸³ Ithusi liphinde limele ukwahlulela kukaNkulunkulu e-altare lapho umhlathshelo wawubulawa khona, i-altare

lethusi. Ukubulawa...Zona kanye izisekelo kwakuyithusi, ukwahlulela, Wanyathela isikhamo sewayini sentukuthelo kaNkulunkulu futhi wathatha ukwahlulela kwethu phezu kwaKhe. Phenyani eSambulweni 19:15, umzuzu nje, ake sibone ukuthi Wenzani. ISambulo 19:15, asifunde umzuzwana nje uma ngingakuthola. Ya, ake siqale ngase...ake sibone, cishe ivesi 12:

Amehlo akhe...i amalangabi omlilo, nasekhanda lakhe kwakukhona umqhele, imiqhele eminingi; enegama elilotshiweyo, elingaziwa muntu, kepha...yena kuphela.

Futhi wayembethe ingubo efafazwe ngegazi: negama lakhe lalithiwa ULizwi kaNkulunkulu. (Manje, khumbulani, iGama laKhe lalingesuye uLizwi kaNkulunkulu, iGama laKhe lalibizwa ngalokho. Niyabo?)...negama lakhe lalithiwa ULizwi kaNkulunkulu.

Nezimpi...zezulu...izimpi zasezulwini zamlandela zikhwele amahhashi amhlophe, zembethe ilineni elicolekileyo, elimhlophe nelihlanzekileyo.

Nasemlonyeni wakhe kuphuma inkemba ebukhali, ukuze ashaye isizwe ngayo: yena uyakuzibusa ngentonga yensimbi: yena uqobo uyakunyathela... (Yini leyo na?)...nyathela isikhamo sewayini lentukuthelo yolaka lukaNkulunkulu uMninimandla onke.

184 Wenzani na? Ulaka lukaNkulunkulu lwaluphezu kwethu ngokuba yizoni. Ngabe kunjalo na? Akekho owayengazisindisa. Akukho esasingakwenza, sonke si “Zalelwe esonweni, sabunjwa ebubini, sifika ezweni sikhuluma amanga.” Futhi Wenzani na? Weza emhlabeni, Haleluya, wase enyathela isikhamo sewayini! Lonke ulaka lukaNkulunkulu uMninimandla onke lathululelwa phezu kwaKhe. “Wena ufanelwe, O Wundlu likaNkulunkulu, ngokuba Wahlatshwa.” Ethatha izono zezwe phezu kwaKhe, futhi Wathwala izono zethu, lowo Nkulunkulu wathululela intukuthelo yolaka lwaKhe phezu kwaKhe. “Futhi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yahlushwa ngenxa yobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu phezu kwaYo, futhi ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina.” Akakaze umuntu afe njengaleyoNdoda! Yahlushwa igazi laze lahlukana namanzi emzimbeni waYo. Namathonsi egazi awa ephuma eshiyeni laKhe phambi kokufa kwaYo.

*...isikhamo se...ulaka...lentukuthelo...
lukaNkulunkulu uMninimandla onke.*

185 Ngolunye usuku lezo zinyawo zethusi zobulungiswa (Udumo!), nxa Efika njengomahluleli, Uyonyathela umphikukristu, nazo zonke izitha zaKhe. Haleluya! Uyodabula umhlaba ephethe intonga yensimbi esandleni saKhe. Amen! O,

phenduka, mngane oyisoni, usenethuba lokuphenduka. Zama, kucime bese ucabanga ukuthi yindatshana encane nje engeke yenzeka. Kuzokwenzeka! “Bekungeke nje kwenzeke kimi.” Kuzokwenzeka kuwe!

¹⁸⁶ Izinyawo zethusi, enyathela phansi izitha zaKhe. Ngoba Wahlushwa futhi wanyathela wakhapha isikhamo sewayini sentukuthelo kaNkulunkulu ukuze akhokhele izono zethu. Futhi khona-ke thina, esinecala, esimpofu, izikhonyana ezilusizi njengoba sinjalo, sibhekise ikhala lethu elincanyana phezulu bese sifunda uhlobo oluthile lwencwadi engakholelwa kuNkulunkulu futhi sizame ukucabanga ukuthi “akukho Nkulunkulu,” futhi sithi “akukho lutho okunjengalokhu, futhi ukwahlulela angeke kufike.” Yena uyothatha lezo zinyawo zethusi bese ehla kaza akhiphe isitha saKhe. Uzogwedla phezu komphikukristu. Uyothatha lawo mabandla abahlubuki bese ewajikijela angene ePhakadeni ngaleya, ndawo ndawo emlilweni oqothulayo lapho liyoqothulwa futhi kuqedwe ngalo. Futhi Uyobusa emhlabeni, Yena neBandla laKhe kuze kube phakade. Udumo!

¹⁸⁷ “Ikhandu, mhlophe njengoboya bezimvu,” ukulunga, isipiliyoni, ubuciko, okwanele, ukuhlakanipha. Ukuguga, okumhlophe, kukhuluma ngokuhlakanipha, ubudala. Uyakwazi Akwenzayo. Ungu—UnguMthombo wokuhlakanipha. UnguMthombo wesipiliyoni. UnguMthombo wayo yonke into enhle, ngakho-ke Umelelwe kulona onjengeNdodana yomuntu, wayembethe izinwele ezimhlophe zilengela phansi. UDaniyeli waMbona iminyaka eminingi engamakhulu, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa, futhi wathi, “WayengoMdala wezinsuku. Nofana neNdodana yomuntu wangena emandleni futhi wahlangana nalo oMdala wezinsuku, futhi ukwahlulela kwabekwa.”

¹⁸⁸ Manje ngifuna ukunibuza okuthile. Ngikhuluma nawe bandla elisivivi. Izintombi ezilishumi zaphuma ukuyohlangabeza iNkosi, ezinhlanu zazo zazihlakaniphile, ezinhlanu ziyiziwula; njengoba sithathe kulokhukusa, leso sihlahla esifakelwe. Manje, khumbulani, lapho seziphume ukuyohlangabeza uNkulunkulu... Manje bhekisisani, iBhayibheli lathi, “Izincwadi zavulwa.” UDaniyeli 7:9, “Izincwadi zavulwa.” Leyo incwadi yesoni. “Nenye incwadi yavulwa.” Ngubani owafika naYe na? IBandla elivela oHlwithweni. O! “Amashumi ezinkulungwane ziphindwe kazinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zezinkulungwane zeza kanye naYe futhi zaMkhonza,” umkaKhe, uMlobokazi. O, udumo! Umkakhe weza kanye naYe, iBandla.

¹⁸⁹ Ukwahlulelwa kwabekwa, nezincwadi zavulwa. Nenye incwadi wavulwa, okwakuyintombi elele, kwaba yilowo nalowo wahlulelwa ngokwencwadi. Niyocelwa ukuba ninikeze isizathu ukuthi kungani ningakwenzanga, bese kuba yini

emva kwalokho na? Wazi kangcono manje, wazi kangcono. Ungahle ukuba ubungaKwazi ngaphambilini, kodwa usuyazi manje. Niyabo? Lapho uma lona olungileyo uyosindiswa abe yincosana, uyobonakala kuphi lowo oyisoni nomuntu ongamesabi uNkulunkulu na? Lowo owalayo, wazi kangcono bese eyaKwala. Bayobonakala kuphi na? Izinyawo zaKhe zinjengethusi, ukwahlulela kukaNkulunkulu.

¹⁹⁰ Manje, ake sibone, maduzane sizo . . . ezansi kuya ekupheleni kwekhasi manje:

. . . unwele njengoboya bezimvu, . . . namehlo akhe enjenge . . . amalangabi omlilo;

Nezinyawo zakhe zifana—izinyawo zifana . . . ithusi, . . . zazishiswe esithandweni; nezwi lakhe . . . nhlokomo yamanzi amaningi;

¹⁹¹ “Inhlokomo yamanzi amaningi.” Amelele ini amanzi na? Uma nifuna ukukumaka phansi, phenyani eSambulweni 17:15, futhi nizothola ukuthi iBhayibheli lathi, “Amanzi owabonayo awubukhulu, nezixuku, nezizwe, nezilimi.” Kulungile, “Inhlokomo.” Into esabeka kanje pho ngomphefumulo oshushumbayo olwandle lokuphila! Akukho mshayeli womkhumbi ukuba amqondise, uyantunta, untanta namagagasi, ukuzwa ukubhonga kwezimpophoma ezinkulu, izimpophoma. Into esabeka kanje pho okuyoba yiyo kumphefumulo ushushumba. “Inhlokomo yamanzi amaningi.” Yini inhlokomo yaKhe na? Ngukwahlulela; iphimbo labefundisi, ngoMoya oNgcwele, elimemezwa kubantu kuyo yonke iminyaka, bem lapho. Inhlokomo yamanzi amaningi yamemeza, ubukhulu nesixuku. Iphimbo lalezo zinkanyezi eziyisikhombisa esandleni saKhe, kuyo yonke iminyaka yebandla, lishumayela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, umbhaphathizo eGameni likaJesu, likhuluma ngezilimi, amandla kaNkulunkulu, ukuvuka kukaKristu, ukuFika kwesiBili, ukwahlulela kukaNkulunkulu. Inhlokomo yamanzi amaningi aphuma kulona ofana neNdodana yomuntu, amanzi amaningi.

¹⁹² Kuyoba yini ukwazi ukuthi wahlala emihlanganweni futhi wezwa ukuthi ufanele ulungisane noNkulunkulu futhi wemukele uMoya oNgcwele, nomphefumulo oshushumbayo ukuzwa lelophimbo likhuluma kulowo mhlango owahlala kuwo, futhi wezwa izahlulelo zikaNkulunkulu zishunyayelwa, futhi waKwala. Impophoma enkulu ingaphansi kwakho nje, izimpophoma ezinkulu eziyokuyisa ekulahlweni kwakho kwaPhakade.

¹⁹³ Inhlokomo yamanzi amaningi, umuntu wesine waKhe. Inhlokomo yamanzi amaningi. Uyokwenza kanjani lapho kuqoshiwe eNkazimulweni, lapho iphimbo kulobubusuku liqoshwa na? Iphimbo lakho liyaqoshwa. Imicabango yakho iyaqoshwa. “Njengomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe,

ukanjalo naye.” Qaphela, iphimbo lakho lizwakala kakhulu eZulwini kunokwakho... Ngiqonde, imicabango yakho izwakala kakhulu eZulwini kunokuba iphimbo lakho linjalo emhlabeni. Impela, kunjalo. UNkulunkulu wazi imicabango nezizindlo zenhliziyi, Yena wazi konke ngakho.

¹⁹⁴ Wathi kumFarisi, “Nina bazenzisi, ningazikhuluma kanjani izinto ezinhle, lapho ekuchichimeni kwenhliziyi kukhuluma umlomo na? NiNgibiza ngokuthi, ‘Nkosi, enhle,’ futhi Ngiyazi, Ngingabuka ngaphakathi kini futhi ngibone ukuthi ningumzenzisi. Anikuqondile lokho.”

¹⁹⁵ O, kuyoba njani lokho ngalolo suku lapho lelo phimbo liduma liphuma emanzini amaningi, iminyaka eminingi yebandla iqala na?

¹⁹⁶ Manje ngifuna ukunibuza enye into ethize. Ake ngisho okuthile kini bantu osindisiwe, ake ngisho lokhu kini.

¹⁹⁷ Manje, wena mphefumulo oshushumbayo, wena mshushumbi ompofu oshushumba ngaleya kuleyompophoma enkulu ngaleya, qaphela. Kuyoba yinto esabekayo lapho wazi ukuthi akusekho kusindiswa kwakho ngalesosikhathi. Angeke usakwazi ukusindiswa ngalesosikhathi, uyazi ukuthi ukulahlwa kwakho kulele lapho phambi kwakho. Lapho wazi kungakapheli imizuzu embalwa uzozwa leloPhimbo likhuluma, “Sukani kiMi, nina benzi bokubi, niye emlilweni ongunaphakade olungiselelwe udeveli nezingelosi zakhe.” Uyokwazi lapho uzwa lezo zimpophoma ezinkulu zibhonga lawo maphimbo aleyo mihlangano, ngenkathi udlula kulokhu. O, into esabeka kanje pho, iphupho elibi kanje pho! Ningakuvumeli kwenzeke kini, bantu. Phendukani, lungisanani noNkulunkulu manje, ngenkathi nisengalunga.

¹⁹⁸ Manje ngifuna ukunibuza enye into ethize. Yini enye emnandi ngokwedulele kumuntu ogxilise okwehange, eqhiyeme ngaphansi kwesihlahla esihlala siluhlaza, ukuzwa umfudlana ugeleza na? O! Lelo yiBandla lihleli ezindaweni zasezulwini nePhimbo likaNkulunkulu ligeleza kamnandi futhi likhuluma nabo ngaleso sikhathi. Niyabona ukuthi kuyini na? Kungukulahlwa kwisoni, futhi isibusiso kosindisiwe. Umuntu ogxilise okwehange isikebhe sakhe ngokuphepha phezu kweDwala uKristu Jesu, futhi ulele nje futhi ulalele, angaphumula kanjani pho! Ngena kulokho kuphumula.

¹⁹⁹ Ngithanda kanjani ukufika lapho amanzi egijima khona. Uma sike siye kodoba noma yini enye, ngivama ukuzama ukuzitholela indawo lapho amanzi egeleza khona, ngoba kukwenza nje uphumule. Uyawezwa ekhuluma nje ubusuku bonke. O, he!

²⁰⁰ Akukuhle yini lapho ungagxilisa okwehange umphefumulo wakho ngempela kuKristu, endaweni enjalo uze uthule phambi kwaKhe na? Futhi uzwe iPhimbo laKhe likhuluma

kuwe, “NgiyiNkosi ekuphilisayo. NgiyiNkosi ekunika ukuPhila okuPhakade. Ngiyakuthanda. Ngakwazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngafaka igama lakho eNcwadini, wena ungowami. Ungesabi, yiMi. Ungesabi, Nginawe.” Bese-ke ngicula:

Ngibophelele okwehange umphefumulo wami
endaweni yokuphumula,
Ukuba ngingabe ngisantweza ezilwandle
ezingabazekayo ezidlangayo;
Isivunguvungu singakhukhula ukudlanga,
ukujula okunesivunguvungu,
Kepha kuJesu siphephile njalonjalo.

201 Khumbulani, lona kanye iPhimbo elikhuluma kamnandi kuwe, lizolahla isoni. Wona kanye uzamcolo owasindisa uNowa, wabhubhisa isoni. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Inhlokomo yamanzi amaningi.

202 Bhekisisani manje, “Izinwele njengoboya bezimvu, namehlo njengamalangabi omlilo, izinyawo zinjengethusi, nenhlokomo yamanzi amaningi.”

*Futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa
esandleni sakhe sokunene: . . .*

203 “Izinkanyezi eziyisikhombisa.” Manje ake sithathe ivesi 20 khona lapha:

*Futhi imfihlakalo yezinkanyezi eziyisikhombisa
ozibonileyo esandleni sami sokunene, nezinti
zezibani eziyisikhombisa zegolide. Izinkanyezi
eziyisikhombisa ziyizingelosi eziyisikhombisa
(noma izithunywa eziyisikhombisa, izikhonzi
eziyisikhombisa) zamabandla ayisikhombisa, nezinti
zezibani eziyisikhombisa ozibonileyo zingamabandla
ayisikhombisa.*

204 Umhumushela khona ukuze kuzoba nesiqiniseko ukuthi kungabi bikho phutha. Ingelosi yonyaka webandla ngamunye. O, lokho kuzoba kuhle, kuleli viki, lapho sibuyela ngaleyay emlandweni futhi sicoshe lezo zingelosi futhi sibone yona kanye inkonzo ezazinayo. Zazinenkonzo efanayo. Ngokufanayo ncamashi konke ezansi kuwo wonke unyaka kuleloBandla elincane.

205 Esikhathini esithile esedlule, othile wathi, “Uyazi, ibandla lamaKatolika, kunesho esihle, ukuthi, ‘Yibandla langempela ngoba lalimi konke ezansi kuyo yonke iminyaka.’”

206 Ngathi, “Akukho mfihlakalo, ngenkathi linawo wonke uhulumeni nakho konke emva kwalo, nokuthi lama kanjani futhi lashukumisa izivunguvungu. Kepha imfihlakalo kimi ukuthi kanjani lelo elincane, abancane ngesibalo abancanyana bake bashukumisa isivunguvungu, abasahwa behlukaniswa, futhi

baphonswa ezingonyameni, futhi babekwa ezinhlakeni, futhi badla, futhi bashiswa, futhi ngezingonyama... futhi babulawa nakho konke okunye, nokuthi bamelana nakho kanjani.” Kukhombisa ukuthi isandla sikaNkulunkulu sasinabo. Yilokho kuphela. Futhi nanamhlanje ukuKhanya kwakhe kusavutha. Amen! Yebo, mnumzane!

²⁰⁷ Manje, “Izinkanyezi eziyisikhombisa ezazisesandleni saMi sokunene.” Wayenezinkanyezi eziyisikhombisa esandleni saKhe sokunene, okusho izikhonzi eziyisikhombisa zeminyaka eyisikhombisa. O, ku—kuhle. Ukuthi sibuyela kanjani emuva futhi sithole i—isikhonzi esaletha uMlayezo ebandleni lase-Efesu. Nesikhonzi esaletha uMlayezo futhi sabambana naWo kwaze kwaba sekufeni, phansi ngqo kuya ebandleni laseSmirna, nasebandleni lasePhergamu, iThiyatira, futhi kuqhubeke kwehlele onyakeni, kungene ngisho kulonyaka manje. Izikhonzi ezagcina futhi zaletha ukuKhanya, futhi zaKugcina njengokwasekuqaleni ekuqaleni, zaletha ukuKhanya ngaye.

²⁰⁸ “Wayeziphethe ngesandla saKhe sokunene.” Cabangani! Isandla sokunene kahle kahle asisho njengoKristu ehleli ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Akusho ukuthi uNkulunkulu unesandla sokunene, ngoba uNkulunkulu unguMoya. Kepha uKristu wayeyisandla sokunene samandla. Umuntu wakho ongakwesokunene, umfo—umfo omi ngakuwe, onsondele kunabo bonke kuwe.

²⁰⁹ Futhi, khumbulani, izinkanyezi eziyisikhombisa zazisesandleni saKhe sokunene. Cabangani nje, zazidonsa amandla azo okukhanyisa, ukuKhanya kwazo kuYe. Zazingaphansi kokulawula kwaKhe ngokuphelele, esandleni saKhe sokunene. O! Yonke inceku kaNkulunkulu yeqiniso ingendlela efanayo. Bamba e... Ngubani ongazilimaza na? Ngubani ongazilimaza na? Njengoba enye yezingelosi yamemeza emuva lapho ekuqaleni. Khumbulani *ingelosi* kusho “isithunywa.” Singena kulezo zinto ezijulile kamuva evikini. I *ngelosi* kusho “isithunywa.” Futhi wathi, “Yini engasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu na? Kungasehlukanisa ukugula na? Kungasehlukanisa ukuhlupheka na? Kungasehlukanisa ukuhamba-ze na? Ingasehlukanisa inkemba na? Kungasehlukanisa ukufa na? Ngikholisekile” kusho uPawulu, “ukuthi akukho lutho olungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu,” ngokuba sizinikele ngokuphelele esandleni saKhe sokunene.

²¹⁰ Omunye uthi, “Mgingqiki ongewe! Mgingqiki ongewe!” Lokho akubakhathazi nakanci. “Uluhlanya lwezenkolo!” Abakuzwa ngisho. Bazinikele ngokuphelele futhi badonsa ukuPhila kwabo engalweni yaKhe yokunene yamandla, bebonisa ukuKhanya kwaKhe ngobumnene, nomusa, nobumnene, nokubekezela; izibonakaliso, nezimangaliso,

nemimangaliso. Izwe maliKubize ngo “kuthakatha,” noma yini abafuna ukukubiza ngakho, akusenzeli mehluko, ngoba siyazi ukuthi sizinikele futhi esandleni saKhe sokunene. Akumangalisi lokho na? He!

²¹¹ Manje ake siphuthume, ngoba asifuni ukunikhandla. “Esandleni saKhe sokunene, izinkanyezi eziyisikhombisa.”

²¹² Manje ukumelwa kobuntu baKhe kwesikhombisa nokokugcina:

. . . nasemlonyeni wakhe kuphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili: . . .

Bengiqonde ukuthi, lokho okwesithupha.

. . . emlonyeni wakhe kuphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili: . . .

²¹³ Manje, iPhimbo lamanzi amaningi, futhi ephuma emlonyeni waKhe . . . Esandleni saKhe sokunene Wayephethe izinkanyezi.

. . . nasemlonyeni wakhe kuphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili: . . .

²¹⁴ Manje, niyazi ukuthi iyini inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili yeBhayibheli na? Ake sikubambe nje ukuze nazi. Thathani amaHeberu 4:2, emuva nje ngqo ikhasi nje noma amabili futhi nizokuthola, niyabo. AmaHeberu angemuva nje kweSambulo lapha; uJuda, bese kuba amaHeberu. Manje, kutholisiseni manje. Noma . . . amaHeberu, isahluko 4 samaHeberu, nakhu la sikhona. Kulungile, amaHeberu isahluko 4 nevesi 12:

Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile kune, linamandla kakhulu, libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zombili, lihlabane kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomnkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zehliziyo.

²¹⁵ Futhi-ke banibiza ngo “funda ingqondo.” YiZwi likaNkulunkulu libonakaliswe eBandleni laKhe! Libukhali kunazo zonke izinkemba ezisika nhlangothi zombili. Ngithi, kwenzekile nje ukuba ngicabange ngento ethile enye lapho. Angazi noma ngibhale umBhal- . . . Tholani iSambulo 19, umzuzu nje. Ake sithole lokhu futhi, ngicabanga ukuthi yikhona. Ngingahle . . . iSambulo 19, cishe i 11:

Ngase ngibona amazulu livulekile, futhi bheka nanto ihhashi elimhlophe; . . . (Nakhu kuza okumhlophe futhi, ukwahlulela.) . . . nohlezi phezu kwalo wabizwa ngokuthi oThembekileyo noQinisileyo, futhi ngokulunga uya . . . uyahlulela alwe. (Niyazi ukuthi bekungubani lowo, anazi na? Kulungile.)

Amehlo akhe aye . . . i angamalangabi omlilo, . . . (WayeNgubani na?) . . . nasekhanda lakhe

kwakukhona... *imiqhele eminingi*;... (A-o. Usevele uzile wangena embusweni manje)... *futhi waye... futhi—futhi wayenegama elilotshiweyo, elingaziwa muntu, kepha... nguyena kuphela*;

Futhi embethe ingubo efafazwe ngegazi: negama lakhe nguLizwi kaNkulunkulu.

216 Yini eyaphuma emlonyeni waKhe na? Yini eyahamba na? Umgibeli wehhashi elimhlophe. NeSambulo, futhi, 7, lapho... Ngiyakholelwa ele 8. Lapho ihhashi elimhlophe... qhabo, ele 6. Lapho umgibeli wehhashi elimhlophe ephuma, Wanikezwa u—umnsalo, ukunqoba nokunqoba.

217 Futhi kwaphuma inkemba emlonyeni waKhe. Wayeyini na? Umgibeli wehhashi elimhlophe weSambulo. Qaphelani inkemba. “Emlonyeni waKhe kuphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili,” iZwi. Futhi, ekugcineni, ngeZwi laKhe, lapho seLibonakalisiwe kuwo wonke amadodana kaNkulunkulu, Uyonyathela zonke izizwe phansi ngeZwi laKhe, ngale nkemba ebukhali. Bukani lapha okwenzeka, sisakuthola:

Futhi... esandleni sakhe sokunene... nasemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili: nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo.

218 “Inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili.” Kwakuphuma ini emlonyeni walomuntu na? IZwi likaNkulunkulu. Inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili. Yayenzani na? Ukuhlukanisa imicabango yenhliziyo, izizindlo; ijula ngisho nakakhulu kunenyama endliwayo, inyama, amangqamuzana egazi, ingene ethanjani, phansi ingene emnkantsheni wethambo, ithi ngqu ngale kwalokho, ize ihlukanise ngisho nemicabango nezizindlo zenhliziyu. Yilokho iZwi likaNkulunkulu elikwenzayo.

219 “Futhi uLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” Futhi manje uLizwi wenziwe inyama eBandleni laKhe, akha phakathi kwethu. Izingelosi zaKhe esandleni saKhe, zikhonza. UNkulunkulu uncike eBandleni laKhe. UNkulunkulu uthembele kithina balonyaka ukuba silethe lokhu kuKhanya kweVangeli kwelifayo, elibanjwe abahedeni, izwe lamasiko. UNkulunkulu ubeka umthwalo kimi nawe. Maye kithina uma umhedeni efa ngaphandle kokwazi. O, baqhubeka nokufunda, ukubhala, nokubala, namapheshana enkolo ambalwa, futhi abenzanga lutho nje kunesigejane samaproselite. Ngiqonde iVangeli! IVangeli alisilo iZwi kuphela. UPawulu washo njalo. UPawulu wathi, “IVangeli alizanga kithi ngeZwi kuphela, kepha ukuze iZwi libonakalisiwe.” Lapho iZwi, ngoMoya oNgcwele, ku... iZwi litshalwa enhliziyweni enoMoya oNgcwele futhi liveze lokho iZwi elithi Liyokuveza. Futhi iZwi lingahlukanisa imicabango yenhliziyo! Udumo! O, he! O! Lehlukanisa imicabango nezizindlo zenhliziyu, iZwi liyakwenza.

220 Kuya emlonyeni waKhe, inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili, ivuse abahedeni. Okuthile kufanele kwenzekke ngolonye lwalezizinsuku. Yebo! IZwi likaNkulunkulu, iGama laKhe lalinguLizwi kaNkulunkulu, iZwi elibonakalisiwe. Bhekani, uJesu wathi, “Hambani niye ezweni lonke,” uMarku 16, ukubingelela kwaKhe kokugcina ebandleni ngaphambi kokuba abuyele ukuzembulela Yena uqobo onyakeni webandla. Wayala iBandla, “Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Ini? Nishumayele iVangeli. UMarku 16, “Nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Yini leyo na? Ngamanye amazwi, “khombisani amandla kaMoya oNgcwele,” kwakufanele kube njalo.

221 Manje bhekisani, “kukho konke . . .” Hhayi nje ukufundisa iZwi; Akazange athi, “Hambani niye kofundisa iZwi.” Wathi, “Hambani niyoshumayela iVangeli.” Hhayi ukufundisa iZwi, ukushumayela iVangeli. “Nalezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwa yileliVangeli; ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, uma bephatha inyoka noma baphuze okubulalayo akusoze kwaba nangozi; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

222 “Futhi baphuma,” kusho umBhalo, “beshumayela ndawo zonke; iNkosi isebenza nabo, iqinisekisa iZwi ngezibonakaliso ezilandelayo.” Lelo yiVangeli, iVangeli eliboniswayo.

223 Lezi zibonakaliso ziyakulandela abangaki na? Kuze kube sekupheleni kwezwe, kuyo yonke iminyaka. Kukhona labo abancane ngesibalo abancane abehlayo ngapha, bephethe lokho kuKhanya. Akumangalisi uJesu athi, “Ningesabi, mhlambi omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso.” Umhlambi omncane; abancane ngesibalo njalo, hhayi iningi.

224 Kulungile, manje esinye futhi isicaphuno. Futhi sithathe ela 20, ngakho manje ake sibone lapha kuleli vesi lapha. Manje ele 16:

Futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene: . . .

225 Manje ake sithathe i . . . kanye ne . . . Ubuso baKhe:

. . . emlonyeni wakhe kuphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili: nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo.

226 Uma niphanya ku . . . ake sibone, uMathewu 17. Ake sikuthole nje khona lapha sisesekekho; ngakho siyakudlula nje, futhi iningi lalabo bantu abakuthathayo, ake si . . . noma abakubhala phansi, sizovele sibavumele bakufunde ukuze sizokwazi.

227 UMathewu 17, kulungile:

. . . emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu uthatha oPetru, noJakobe, noJohane . . . entabeni ende bebodwa.

Waphenduka esinye isimo phambi kwabo: ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zakhe zaba mhlophe njengokukhanya.

228 Waguqulwa. Wenzani na? Wazedlulisela Yena uqobo ekuguqulweni, wangena ngale osukwini lwaKhe oluzayo. Manje bhekisisani, emahoreni ambalwa nje ngaphambi kwalokhu, uJesu wayenze lokhu kucaphuna emuva lapha esahlukweni esilandelayo, “Ngiqinisile ngithi kini, ukuthi abanye abamile lapha . . .” Bangaki owaziyo ukuthi ngizothini na? “Abanye abamile lapha abayikudlula, abayikufa, baze babone iNdodana yomuntu ingena eNkazimulweni.” Ngabe kunjalo na? Futhi Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane, ofakazi abathathu, ngoba eTestamenteni eliDala yonke into, amancane onke amagama, ayemiswa ngofakazi abathathu, futhi wabakhuphulela entabeni.

229 Qaphelani ukuthi yini eza kuqala. O, angikwazi nje ukuma lapha, ngifanele ngithole lokhu. Bhekani! Yiyiphi into yokuqala abayibonayo na? Bakhuphulela uJesu entabeni . . . noma Wabakhuphula, futhi Waguqulwa isimo phambi kwabo, waguqulwa. Ingubo yaKhe yakhazimula njengelanga phakathi emandleni alo okuqina, futhi lapho kwabonakala kuYe uMose no-Eliya. Yisiphi isimo iNdodana yomuntu eza ikuso manje na? Futhi kuqala, ozovela, kuzoba uMose no-Eliya.

230 Manje, qaphelani, ngaphambi kokuba uJesu abuyele emhlabeni . . . Manje, kodwa kuthi ukuba ngaphambi kwesikhathi kancane, kodwa uMoya ka-Eliya uzobuyela emuva emhlabeni futhi uphendulele izinhliziyi zabantwana zibuyele kuyise. IBhayibheli lasho njalo. UJesu wambona lapha, abaphostoli bambona lapha, ukulandelana kokuza kweNdodana yomuntu ekhazimulisiwe. Izokhazimulisiwa futhi iyabuya. Into yokuqala, ngaphambi kokuba baMbone, wayeyini na? U-Eliya. Bese kuba yini na? UMose; u-Israyeli ebuyela ngaleya, abagcini-mthetho. Bese kuba iNdodana yomuntu ekhazimulisiwe. Haleluya! Niyakubona ukulandelana kokuza kwaKhe na? UMoya ka-Eliya, noma ufakazi wonyaka webandla lokugcina. Niyabo, eza emandleni ukuMbonakalisa.

231 Bese kuthi-ke amaJuda ayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane ukuba abuthanele eNtabeni iSinayi, lapho u-Israyeli esebe yisizwe qobo lwakhe; isizwe esidala kunazo zonke emhlabeni, ifulege elidala kunawo wonke emhlabeni; banesizwe sabo uqobo, ifulegi labo uqobo, umbutho wabo uqobo, imali yabo uqobo, nakho konke okunye. Bangamanye amalungu amaqembu ezizwe ngoba bayisizwe. UJesu wathi abafanele neze baphonselwe kude kuze kuba zonke izinto sezigwalisekile.

232 Imfihlakalo yokuthi kanjani leso sigejane samaJuda, sashushiswa yonke indawo, futhi saliwa, futhi saxoshwa

futhi saphonselwa ngaphandle, njengeBandla phansi ukudlula kuleminyaka yokwaliwa, futhi nokho uJesu wathi, “Nxa nibona umkhiwane uveza amahlumela awo, leso sizwe sibuyela emuva ukuze sibe yisizwe futhi, isikhathi sesisondele, yebo nasemnyango. Ngiqinisile ngithi kini, Lesi sizukulwane asiyikudlula kuze kuba zonke lezi zinto zigcwalisekile.” Lokhu kudonsa... Lo abantu abayikudlula. UHitler wazama ukuwabalala, uMussolini wazama ukuwabalala, uStalin wazama ukuwabalala, wonke omunye umuntu, kodwa awasoze abekwe izici, noma adingiswe emhlabeni, ayoba ngabantu nesizwe simi ngaley. Amen!

²³³ Kuzofika uMose no-Eliya. O! Ngithemba ukuthi niyakuthola.

²³⁴ Kulungile, “Ilanga ikhanya ngamandla alo,” ubuso baKhe, buguqulwe, buguqulwe isimo. Manje enye into, eSambulweni 21:23, uma ufuna ukukubhala phansi. EJerusalema eLisha, 21:23, UyiWundlu eliseMzini, lokho ukuKhanya kwalo, likhanya; ngokuba babengakudingi ukukhanya eMzini, ilanga aliyikuphakama kuwo, ngoba iWundlu eliphakathi koMuzi liyakuba ngukuKhanya kwawo. Nezizwe esisindisiweyo ziyakuhamba ekuKhanyeni kweWundlu! Amen! UngukuKhanya kweWundlu. O, anjabuli ngalokho na?

²³⁵ Kungesikho lokho kuphela, kodwa naYe futhi, ekufikeni (uJohane waMbona ngosuku lweNkosi), iLanga lokulunga. Ake siye kuMalaki. UMalaki, umprofethi wokugcina weTestamente eliDala. UMalaki, isahluko 4.

²³⁶ Nginendatshana encane ukuba ngiyisho ngomkami oligugu ohlezi emuva lapho. Ngamnika isikhathi esinzima ngaphambi kokuba sishade, ngizamile ukusikhokhela ngemuva kokuba sesishadile. Futhi ngangingazi noma ngangifuna ukuba ngiphinde ngishadelwe noma qhabo, futhi ngakho-ke waphatheka kabi wonke. Futhi ngacabanga ukuthi wayeyintombazane elunge kakhulu ukuba nje ngiyishiye ngihambe, ngivumele enye indoda elungileyo imshade ebiyomnakekela. Futhi ngangicabanga ukuthi ngangingakufanele ngisho; futhi angifanelekile, ngomusa wakhe, empeleni. Ngakho-ke wayedabuke wonke futhi wayengazi ukuthi enzeni. Lokhu sekube yiminyaka edlule, cisha eminyakeni engamashumi amabili edlule. Waphatheka kabuhlungu kakhulu, waqala ukukhala ubusuku nemini. Futhi ngangizama ukuhlukana naye, hhayi ngoba ngangingamthandi, ngoba ngangingafuni ukuthatha isikhathi sakhe; ngoba, makazitholele omunye umuntu, omunye umuntu olungile, ngoba uyintombazane elunge kakhulu ukuvele uyidedele nje kanjalo, futhi mina ngithathe... ukuvele uhambe nayo nje nezinto ezinjalo. Futhi nga—ngangicabanga ukuthi wayengithanda, futhi ngangazi ukuthi ngangimthanda. Ngakho-ke ngacabanga, “Awu, ngizozama nje uku...Ngizothola usuku lokubonana

nenye intombazane bese siphuma, futhi ngimenze azizwele kabi ngami.” Ngacisha ngambulala, ngakuzonda kabi kabi emva kwalokho; waphatheka kabuhlungu wonke. Ngamtshela, ngathi, “Uyintombazane elunge kakhulu, a—angifuni ukuthatha isikhathi sakho kanjalo.”

²³⁷ Futhi wathi, “Kodwa ngi—ngithanda *wena* nje, Bill, futhi yilowo kuphela engingamthanda.” Wathi, “Bengi—ngihlala ngikuthanda.”

Ngathi, “Ngi—ngiyakuthakasela lokho. Kodwa,” ngathi, “uyazi,” ngathi, “Ngingumhlalawodwa.” Ngathi, “Ngi—ngizohlala njengomhlalawodwa nje. Uyabo, a—angizukushada nhlobo.”

²³⁸ Futhi wayehleli kakhulu kukho, niyazi, umfo omncane bandla. Futhi waphuma waya e—emphemeni. Futhi waphumela lapho, wase eguqa ngamadolo akhe, wathi, “Nkosi, angazi ukuthi ngenzeni. A—angifuni ukungaKulaleli, futhi nokho ngiyamthanda uBill, futhi angazi ukuthi ngenzeni. Nkosi, Unganginikeza nje induduzo encanyanyana na? Ungangisiza kancanyana na? Angikaze ngiKucele lokhu ngaphambilini empilweni yami, Nkosi, futhi ngiyethemba ukuthi angisoze ngidingeke ngiKucele futhi,” wathi, “kodwa uma nje Uzongisiza, futhi ungivumele ngivule leli Bhayibheli, futhi Wena unginike umBhalo. Ngizwile abantu bethi Wakwenza lokho.” Futhi lapho eselivulile, kwakunguMalaki 4:

Bhekani, nginika...noma thuma kini u-Eliya umprofethi lungakafiki lolo—lolo suku lweNkosi olubi:

²³⁹ Wathi, “Ngivuke lapho ngeneliseke kahle nje ukuthi besizoshada njenganoma yini.” Niyabo?

Ngokuba, bheka, luyeza usuku, luvutha njengeziko; bonke abaziqhenyayo, nina,...bonke labo abenza okubi, bayakuba ngamabibi: luyakubashisa lolo suku oluzayo, isho iNkosi yamabandla, futhi lungabashiyeli mpande nagatsha.

Kepha kinina enilesabayo igama lami... kuyakuphuma iLanga (L-a-n-g-a) iLanga lokulunga linokuphilisa emaphikweni alo;... .

²⁴⁰ “Ilanga likhanya ngamandla alo.” O! Amandla eNdodana kaNkulunkulu ekhanya phakathi kwethu kulobubusuku. Imi phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide ekubeni ngumuntu kwaKhe okukasikhombisa lapha njengomahluleli. NjengaLowo owahlushwa futhi wasifela, futhi wathatha ukwahlulela kukaNkulunkulu phezu kwaKhe, futhi wanyathela nesikhamo sewayini, intukuthelo kaNkulunkulu. Esonini Uyimpophoma esabekayo, kuwena mphefumulo ontuntayo phezu kolwandle lokuphila. Futhi eBandleni, uMsindisi onomoya omuhle, ogxilise okwehambe ekuphumuleni, futhi ulalela umfudlana obhubhudlayo lapho ulele futhi uphumule

ngokuphelele unelisekile kuKristu. Isikhathi esinje pho! Ikhanya phezu kwethu ngemisebe yaYo efudumele, “Ungesabi, NginguYe owayekhona, okhona, noyakuza. NginguMninimandla onke, ngaphandle kwaMi akekho omunye. Ngiyikho kokubili u-Alfa no-Omega, futhi Ngizonika owomileyo imithombo yamanzi okuPhila ngesihle.” O, isithembiso nokuthandana okunje pho! NeWundlu eliphakathi koMuzi ongadingi kukhanya, futhi uyiLanga lokulunga elinokuphulukisa emaphikweni aLo.

UnguMnduze weSigodi, iNkanyezi yoKusa
eKhanyayo,
Ungumhleleki wabayizinkulungwane
eziyishumi emphefumulweni wami.

Ekudabukeni Uyinduduzo yami,
enkathazweni Ungukhlala kwami,
Ungitshela konke ukukhathazeka kuYe
kugingqike. Haleluya!
UnguMnduze weSigodi, iNkanyezi yoKusa
eKhanyayo,
Ungumhleleki wabayizinkulungwane
eziyishumi emphefumulweni wami.

²⁴¹ Yebo, mnumzane! O, leyoNkanyezi yoKusa enkulu njengoba iphuma ukuba ikhanye, imemezela usuku oluzayo, iliphonsa, ithi, “Usuku lulungiselela ukusa, iNdodana iyasondela,” futhi Iyazidonsa isuke ngemuva kwazo zonke ezinye izinkanyezi (O, he.) inokuphulukisa emaphikweni aYo.

²⁴² Manje asibuyele emlayezweni wethu. Futhi sesiyavala manje, ukulungiselela ikusasa ebusuku, ngoba isikhathi sekuyimizuzo eyishumi nanhlanu kushaye elesishiyagalolunye, asifuni ukugcina noma ubani isikhathi eside kakhulu, ukuze nje sibe lapha.

²⁴³ Kulungile, iLanga lokulunga linokuphilisa emaphikweni aLo. Manje ubuso baKhe. Wayengumahluleli, noma enye into ukukhombisa ukuthi wayengaleya osukwini lweNkosi. Niyakukholwa lokho na? Wawelela ngaleya wangena osukwini lweNkosi wase ebona iNkosi njengomahluleli; hhayi njengompristi, hhayi njengenkosi, kodwa njengomahluleli. UnguMahluleli. Anikukholwa lokho na? IBhayibheli lithi UnguMahluleli. Futhi lapha Wayembethe konke njengoMahluleli, ekhombisa lokho Ayekwenzile; lokho Ayeyikho: lokho Ayeyikho esonini, lokho Ayeyikho kumKristu. Futhi lapha Umi manje nenhlokomo yamanzi amaningi, nobuso baKhe babunjengelanga likhanya emandleni alo.

²⁴⁴ Manje imiphumela, ivesi 16. “Futhi . . .” Qhabo, ngiyaxolisa, yivesi 17:

*Ngathi ukumbona, ngawa ngasezinyaweni zakhe
njengofile . . .*

245 He! Umprofethi wayengasakwazi ukukumela, ebona umbono onjalo. Wavele nje—Wavele nje wamunca Amandla akhe okuqina, wayesewa phansi ngqo ezinyaweni zaKhe njengofile. Manje bhekisisani:

. . . Wayesebeka isandla sakhe sokunene phezu kwami, ethi kimi, Ungesabi; Ngingowokuqala nowokugcina:

246 O, he! Hhayi umprofethi, uNkulunkulu! “Ngingowokuqala nowokugcina. Ngingowokuqala weSambulo, owokugcina weSambulo. NginguYe owayekhona, nginguYe okhona, Nginguye ozayo.” Ake sibone:

Ngi . . . ngi . . .

. . . Wayesebeka isandla sakhe sokunene phezu kwami, ethi kimi, Ungesabi; Ngingowokuqala nowokugcina:

Ngingophilayo, ngangifile; futhi, bheka, sengingophilayo kuze kube phakade, (Khona manje. Futhi khona-ke wayesememeza), Amen; futhi nginezihluthulelo zesihogo ne . . . ukufa.

247 Manje, ningesabi. Besingesabelani na? Belingehlulekelani iBandla ukugcina elaKhe . . . ukucabanga ngeZwi laKhe na? Ake sime lapha umzuzwana nje, ngoba sesiyavala. Belingake lisabele ini leliBandla na? Yini Ake wayethembisa leyo Angazange ayifeze phambi kwethu na? Ubungakwesabelani ukujeziswa noma emva kwalokhu na? “Ungesabi! NginguYe owayekhona, Lowo okhona, nozayo. Ngingowokuqala nowokugcina. Nginezihluthulelo zesihogo nokufa lapha.” Ngani na? “Ngingobile futhi nganqoba kokubili isihogo nokufa (Lokho yikho kokubili ithuna nehayidese; ukufa qobo lwakho, ihayidese qobo lwalo.) kwakho. Ngikunqobe konke. Nganqoba isihogo, ukufa, ithuna.” Ngenkathi Esesemhlabeni, Wayeyikho kuphela okugrea- . . .

248 Amadoda amaningi ahlela ukuba anqobe. Benikwazi lokho na? UNapoleon wahlela ukunqoba umhlaba, futhi wakwenza eneminyaka engamashumi amathathu nantathu. Eminyakeni eyishumi nesikhombisa kuya emashumini amabili nanhlanu, uNapoleon wayengumenqabeli, wayengakholelwa ekuphuzeni nanoma yini. Waya eFransi. Wayengeyena umFulentshi, wayevele esiqhingini, wawelega ngaleya ukuziphindisela kwiFransi ngoba wayengayithandi, wayengayithandi iFransi. Kodwa wanqotshwa. Futhi waphuma futhi wanqoba iFransi, futhi wathatha lawo maFulentshi futhi wanqoba umhlaba. Futhi eneminyaka engamashumi amathathu nantathu wahlala phansi wase ekhala ngoba kwakungasekho muntu ukuba amnqobe, futhi wafa eyisidakwa. Ehluliwe, akakwazanga ngisho ukuzinqoba yena uqobo. Niyabo? Futhi wabe esehlangana nokunqotshwa kwakhe kokugcina eWaterloo, wahlangana nesiphetho sakhe eWaterloo. Ngike ngaba phandle lapho futhi ngabona izimpawu ezindala zasendulo zezinsalela nezinto

phandle lapho, ngenkathi sasisezweni. Manje, sithatha lowo mnqobi, waqala njengensizwa futhi wathatha uhlangothi olungafanele ukuba alunqobe, futhi wafa, ihlazo.

249 Kepha kwakukhona enye iNsizwa eyeza ezweni ngesinye isikhathi. Yafa ineminyaka engamashumi amathathu nantathu futhi Yanqoba konke okwakunganqotshwa. Ngenkathi Isemhlabeni Yanqoba iminjunju, ukuzidla, Yanqoba ukugula, Yanqoba odeveli. Ngenkathi Ifa, Yanqoba ukufa. Ngenkathi Ivuka, Yanqoba isihogo. Yakhuphukela phakathi futhi Yanqoba konke okwakumelene nesintu futhi yahlunga umvini... isikhamo sewayini sikaNkulunkulu futhi yasihlakaza futhi yanqoba ukufa, isihogo, ithuna, ukugula, imicikilisho, nakho konke okunye, futhi yakunqoba konke, futhi yavuka ngosuku lwesithathu futhi yanqoba yonke imikhathi ngaphezulu, futhi yanqamula leyo nkungu phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, futhi yaxhumanisa iZulu nomhlaba ndawonye. Udumo! O, he! Whewu!

250 Nango Emile uMnqobi onaMandla selokhu Adabula isihengo kabili, Nango. Unezihluthulelo zakho kokubili ukufa nesihogo zilenga ohlangothini lwaMi, “Ungesabi.” Wabeka isandla saKhe sokunene (amandla aKhe) phezu kwakhe, wase emphakamisa ngamandla esandla saKhe sokunene, wathi, “Ungesabi, NginguYe owayekhona, Lowo okhona, nozayo. Ngingowokuqala nowokugcina. NginguYe owayephila, futhi wafa, futhi uyaphila futhi kuze kube phakade. Amen!” O!

Bheka! Bhekani umnqobi onamandla,
Bheka! Mbhekeni esobala,
Nango Emile, umnqobi onamandla,
Selokhu Adabula iveli kabili.

251 Amen! Nqamula zonke izithiyo ezivela ezidalweni ezingabantu, ukuthi zingahle zixhumane njengasensimini yase-Edene. Manje, umuntu... bengizokuklinya, kodwa ngizokusho. Umuntu unamandla onke. Awukukholwa lokho, kodwa unjalo. Umuntu ozinikele ngokuphelele kuNkulunkulu unamandla onke. Akashongo yini, kuMarku 11:22, “Noma yini oyishoyo, futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, izofezeka. Ungaba nakho okushilo”?

252 Kwenzakalani lapho kuhlangu abanamandla onke ababili na? Lapho uNkulunkulu nomuntu behlangana, abanamandla onke ababili, kunokuthile okuzoshukuma. Some... Noma yini oyoyisho ngalawomandla adalayo okubanamandla onke kaNkulunkulu, wazi ukuthi Ukwethembisile, futhi Wakusho eZwini laKhe, kudala amandla aphumela ngaleya futhi afezekisa izinto, izinto engekho, enza, zona sengathi zikhona, ngoba abanamandla onke ababili bahlanganile. Nangu Emile! O, Akamangalisi pho!

253 Ake sibone uma sisenezinye izinto ezinhle. Ivesi 18, manje ivesi 19. UJohane; kwenzekani lapho ebone ubuso baKhe na? Umphumela? Wawa ngasezinyaweni zaKhe; akazange nje abe esakwazi ukuma, impilo yakhe yobuntu yatheneka amandla, akakwazanga nje ukukwenza. Wayengunqobi, Wayesevele enqobile.

254 Manje Unikeza umyalo, futhi khona-ke siqala ukuqeda isahluko, lelivesi 19:

Loba okubonileyo, nokukhona, nokuzakwenzeka emva kwalokho;

255 Sithathe ivesi 20:

Imfihlakalo yezinkanyezi eziyisikhombisa ozibonileyo esandleni sokunene, . . . ziyizinti zezibani eziyisikhombisa zegolide. Izinkanyezi eziyisikhombisa ziyizingelosi eziyisikhombisa zamabandla ayisikhombisa: nezinti zezibani eziyisikhombisa ozibonileyo zingamabandla ayisikhombisa.

256 O! Kuthatha ukuphefumula, mngani. NiyamBona emi lapho ekuphakameni. . . ukuphakama kobuNkulunkulu baKhe. UnguMahluleli, umPristi, iNkosi, uKhozi, iWundlu, iNgonyama, u-Alfa, u-Omega, uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; Owayekhona, okhona, futhi uzakuza. Unyathela ukhipha isikhamo sewayini sentukuthelo kaNkulunkulu, futhi wathokozisa konke, uNkulunkulu waze washo esiphambanweni. . . Lapho Esephakanyisiwe, Wathi, "Kufeziwe!" Kwamthokozisa uNkulunkulu kakhulu, kwaze kwafika uMoya owamshiya ekuseni ngePhasika futhi waMkhuphula futhi waMvusa futhi enzela ukulungisiswa kwethu.

257 Lapho uJohane wabheka phezulu wase eMbona emi lapho enezinyawo zethusi, amehlo anjengamalangabi omlilo egijima emuva naphambili kuwo wonke umhlaba. UDaniyeli waMbona iminyaka engamakhulu ayisikhombisa ngaphambi kwalokho, endaweni efanayo, uhlobo olufanayo, indoda efanayo imi lapho, oMdala wezinsuku, nofana neNdodana yomuntu owahlanganyela naYe, futhi konke ukwahlulela kwanikezwa Yena, emi eSihlalweni sobukhosi esiMhlophe sokwaHlulela.

258 Sibona lezizinto, hlobo luni lwabantu ebesifanele sibe yilo, bangane na? UNkulunkulu anibusise umkhuleko wami. Niyabo? NiyamThanda na? NiyamKholwa na? Ngabe usuwugxilise okwehange umphefumulo wakho kuYe na?

259 Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje.

260 Buthule nje nakancane, njengoba sizocula buthule, *Ngigxilise Okwehange Umphefumlo Wami Esisithelweni Sokuphumula*, "Angisoze ngezwa lezo ungwengwezi olwenza amagagasi luthumela umphefumulo wami kude, kepha

Kuyokhuluma ukuthula okumnandi emphefumulweni wami.”
Buthule manje, ngenhlonipho, wonke umuntu.

Ngigxilise okwehange umphefumulo wami
esisithelweni sokuphumula,
Ukuba ngingabe ngisagwedla izilwandle
ezigubhayo;
Isivunguvungu singashanela olugubhayo,
olunesiphepho esijulile,
KuJesu ngiphephe njalonjalo.

Ngigxilise okwehange umphefumulo wami
esisithelweni sokuphumula,
Ukuba ngingabe ngisagwedla izilwandle
ezigubhayo;
Isivunguvungu singashanela olugubhayo,
olunesiphepho esijulile,
KuJesu ngiphephe njalonjalo.

Khanyisa kimi, (Vumela misebe yeNkazimulo,
Nkosi,) Nkosi, khanyisa kimi,
Makuthi ukuKhanya endlini yokukhanya
kukhanyise kimi;
O, khanyisa kimi, Nkosi, khanyisa kimi,
(Asiphakamisele izandla zethu kuYe.)
Makuthi ukuKhanya endlini yokukhanya
kukhanyise kimi.

Ukufana noJesu, (Yebo, Nkosi.) ukufana
noJesu,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Lonke uhambo lwempilo ukusuka emhlabeni
kuye eNkazimulweni,
Ngicela kuphela ukufana naYe.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha ikhorasi—Umhl.]

. . . O Msindisi omangalisayo,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Lonke uhambo lwempilo ukusuka emhlabeni
kuye eNkazimulweni,

²⁶¹ Ungathanda ukuba nokuPhila kwaKhe kuphila kuwe,
kubonisa uBukhona baKhe na? Uma ungathanda, futhi
ubungakabi nakho namanje, ungama wenzele umkhuleko
na? labo abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni.
UNkulunkulu anibusise.

Emkhombeni waseBetlehema . . . (Qhubeka
ume manje, hlala nje uqhubeke . . .) . . .
kwavela isiHambi, (Uzoba yisihambi
ezweni.)
Emhlabeni kuphela ngilangazelela ukufana
naYe;

Ukudabula uhambo lokuphila, ukusuka
emhlabeni kuya eNkazimulweni,
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Ukufana nje noJesu, ukufana noJe-... (Leso
yisifiso sami.)
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Ukudabula uhambo lokuphila, ukusuka
emhlabeni kuya eNkazimulweni,
Ngicela kuphela ukufana naYe.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha ikhorasi—Umhl.]

... okuphansi, okuthobile nokuphansi.

²⁶² Manje, Baba waseZulwini, bemi ngezinyawo zabo ngabangingi abafuna ukwemukela Wena. Bakhathele yilokhu kushushumba ngapha nangapha, bengazi ukuthi bayaphi, phandle ekuyeni emuva naphambili kwempilo; futhi bazi ukuthi mhlawumbe ngaphambi kwemini inhliziyi izoyeka ukushaya, khona-ke impophoma enkulu, izimpophoma, ngaphambi kwabo, zishushumbisa umphefumulo. Babenjengabo, babenjengezwe, kepha bafuna ukufana naWe manje, Nkosi. Bamukele bangene eMbusweni waKho, bangabaKho, Baba, ngoba Uyazazi izinhliziyi zabo nezizindlo zezinhliziyi zabo. Futhi Ukulobile kanjalo, futhi wakusho ngezindebe zaKho uqobo, “Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe yiLowo oNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade.” Waphinde wathi, Nkosi, “Ubusisiwe ofundayo futhi ozwa amazwi esiprofetho saleNcwadi, ngoba isikhathi sesisondele.” Bayaqonda ukuthi isikhathi sesisondele. Ngeke besashushumba futhi, Nkosi. Phonsa intambo yokuphila, badonsele kuWe uqobo, Nkosi. Kwangathi bangaphuma kusukela kulobubusuku, bebonisa ukuKhanya kukaJesu Kristu. Ngibanikela kuwe, Baba Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi bangalandela iNkosi ngokuzithoba embhaphathizweni lapha ebandleni; bembathe uMoya oNgcwele empilweni yabo ukuze babe njengoJesu zonke izinsuku zabo. Sikucela eGameni laKhe.

Ukufana noJesu, ukufana . . .

²⁶³ Abanye benu nonke enimi eduze kumbe enihleli eduze nalabo bantu, lowo ngamaKristu, finyelelani ngaleya futhi nibambe isandla sabo futhi nibaxhawule. Beka isandla sakho phezu kwabo, “Makabongwe uNkulunkulu ngomphefumulo wakho.” Ama-altare ethu onke agcwalisiwe phezulu lapha ngabantwana nezinto, asikwazi ukubakhuphulela lapha.

Ukudabula uhambo lokuphila, ukusuka
emhlabeni kuya eNkazimulweni,
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Khanyisa kimi, O, khanyisa kimi,
 Makuthi ukuKhanya endlini yokukhanya,
 kukhanyise kimi;
 O, khanyisa kimi, Nkosi, khanyisa kimi,
 Makuthi ukuKhanya endlini yokukhanya,
 kukhanyise kimi.

²⁶⁴ Nizizwa nikahle ngempela na? Anizizwa nikahle na?
 Awujabuli ukuthi ungumKristu na? Xhawulana nomuntu
 ohlezi eduze kwakho manje, sisazocula ihubo elithi,
Sizohambe'kuKhanyeni, lokhu kuKhanya okuhle, ukuKhanya
 kweNkosi uJesu Kristu kubonakaliswe enyameni.

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
 Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
 ekhanya khona;
 Kusikhanyisa ndawo zonke, emini
 nasebusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Liculeni, wonke umuntu:

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
 Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
 ekhanya khona;
 Kusikhanyisa ndawo zonke emini,
 nasebusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Wozani, nina nonke bangewele bokuKhanya
 nimemezele,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe;
 Khona-ke izinsimbi zeZulu ziyokhala,
 O Jesu, ukuKhanya kwezwe.

Phakamisa isandla sakho manje:

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
 Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
 ekhanya khona;
 Kusikhanyisa ndawo zonke, emini
 nasebusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizoqhubeka sihamb'ekuKhanyeni,
 UkuKhanya okuhle kangaka,
 Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
 ekhanya khona;
 Kusikhanyisa nje ndawo zonke, emini
 nasebusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizohamb'ekuKhanyeni (ukuKhanya
kweVangeli), ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke, emini
nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

²⁶⁵ Emuva ekuqaleni, ePhentekoste ngenkathi uMoya oNgcwele wehlela phezu kweBandla. UMlayezo wehlela eSmirna; nakho kwakumi u-Irenaeus, ongcwele omkhulu kaNkulunkulu, ekhuluma ngezilimi, amandla kaNkulunkulu, evusa abafileyo, ephulukisa abagulayo, Wayehamba ekuKhanyeni. Emva kwakhe kufika uColumba, ongcwele omkhulu onamandla kaNkulunkulu. Iningi labanye abangcwele abakhulu bephethe uMlayezo kuqhubeke kwehle, behamba ekuKhanyeni, ukuKhanya kweVangeli, ukuKhanya okufanayo okwakhanya ngoSuku lwePhentekoste; uKristu emi phakathi kwabantu baKhe, nalezo zinti zezibani eziyisikhombisa zegolide zikhombisa imisebe yaKhe njengelanga maphakathi nokushisa kwalo.

²⁶⁶ Silapha ngo 1961:

Siyahamb'ekuKhanyeni, UkuKhanya okuhle
kangaka,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
O, kusikhanyisa ndawo zonke emini
nasebusuku,
O uJesu, ukuKhanya kwezwe.

Asisukumeni:

Sizoqhubeka sihamb'ekuKhanyeni,
UkuKhanya okuhle kangaka,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

NiyaMthanda na?

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
Ngoba (ngoba nje) Wangithanda kuqala,
Wang'thengela insindiso
Emthini waseKalvari.

²⁶⁷ Ngeke siphinde sibuyele ezintweni zezwe. Ngifile ezweni nezwe lifile kimi. Ngihamba kuphela kuKristu, ngiholwa nguMoya oNgcwele. Ng'yaMthanda ngoba Uyangithanda, futhi ukhanyisa izibusiso zaKe phezu kwami, enginika isandla sokunene senhlanganyelo eMbusweni waKhe. Manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi akukabonakali esiyakuba yikho ekugcineni; kodwa siyazi ukuthi

siyakuba nomzimba ofana nomzimba waKhe okhazimulayo, ngokuba siyakuMbona njengoba Enjalo.

Khona-ke sizobe sihamb'ekuKhanyeni,
ukuKhanya okuhle,
Okufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

²⁶⁸ NiyaMthanda na? Niyazi, emuva kokuba umyalezo usika nakho konke, ngithanda ukuzwa abantu bengena emahubweni futhi beya ekukhonzeni nokucula eMoyeni. Akukho lutho oluhle kakhulu kunokucula okuhle okudala. Kunjalo. Ngiyakuthanda ukucula okuyimfashini endala kwepentekoste; hhayi lawo maphimbo aqeqeshwe ngokweqile abamba baze banswininize futhi baphenduke babe luhlaza sasibhakabhaka ebusweni, futhi bengazi ukuthi bacula ini. Ngithanda othile ukuthi mhlawumbe ubungephathe ushuni kubhasikidi kodwa nokho uneSibusiso sePhentekoste, manje usecula ngakho. O, yeka indlela akhazimulayo ngayo—ngayo lawo maculo amnandi esiphambano! O, he!

Iculo lethu lokuphuma manje:

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokuhlupheka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
Lithathe noma uya kuphi.

Kusasa ebusuku ngehora lesikhombisa nqo, ihora lesikhombisa ezimpondweni, izinkonzo ziyaqala.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoyiQhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Asicule sonke manje:

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokuhlupheka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
O, lithathe noma uya kuphi.
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
(Limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

²⁶⁹ Manje, sikuqedile namhlanje kusihlwa. I...sanda kungibuza manje, "Uma kuzoba nenkonzo ekuseni na?" Qhabo, hhayi kusasa, phumulani kahle kusasa. Mhlawumbe kusasa ebusuku, ngeke ngize ngikwazi ukuthatha lowo mlayezo, ngakho-ke ngizowuthatha ngosuku olulandelayo. Noma nini

lapho ngihluleka kwi. . . lo mlayezo ophelele, ngiqhubeka nawo ngosuku olulandelayo. Kepha sinalesethi, ngikholwa ukuthi senilungele imiNyaka yeBandla. Aninjalo na? Kulungile.

Asikhothamise amakhanda ethu sisacula ngokuthula manje:

NgeGama likaJesu siyakhothama, (Zonke izilimi ziyakulivuma.)

Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoyiQhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!

(Limnandi kangaka!)

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.



UMBONO WASEPHATMOSE ZUL60-1204E
(The Patmos Vision)

UCHUNGECHUNGE LWE SAMBULO SIKAJESU KRISTU

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoDisemba 4, ngo 1960, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org